


# IMIBUZO NEZIMPENDULO

 Futhi ngiyajabula ukuba lapha futhi kulobubusuku enkonzweni yeNkosi yethu. Futhi manje, ukunibona nonke nijabule futhi nicula lamaculo amadala ayisimangaliso, nonke nigcwaliswe ngomoya kanjalonjalo, kusenza sizizwe sikahle kakhulu.

<sup>2</sup> Futhi siyajabula ukuzama ukuthatha izikhashanyana ezimbalwa zesikhathi futhi kulobubusuku ukuphendula umbuzo noma emibili. Sithe ukuthatha inqwaba yesikhathi senu kulokhu ukusa, kodwa ngiyethemba ninaso isibusiso nje engisanda kukhuluma ngaso. Ku. . . Niyazi, sinokuningi kokuba sikhulume ngakho, asinakho na? Futhi sinoMuntu wokuba sikhulume ngaye, lowo yiNkosi yethu uJesu.

<sup>3</sup> Mfowethu Teddy, ukuba benginga. . . uma uthanda, usale phezulu lapha nje isikhashanyana nje. Ngitshelwe ukuthi bekukhona umntwana ogulayo endlini.

<sup>4</sup> Futhi ngaphambi kokuba ngize ngiqale ngalona, sineSidlo (ngakho sifuna. . . asifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu) futhi mhlampe umbhaphathizo. Futhi bona. . . ngifuna uku—ukukhulekela labo abafuna ukukhulekelwa kuqala, ukuthi lokhu, ukukhulekela abagulayo kuqala, ngaphambi kokuba ngize ngiqale.

<sup>5</sup> Futhi manje, uma. . . Teddy, uma uthanda, dlala leliculo, *INyanga Enkulu Manje Iseduze*. Futhi sizobiza abagulayo nokubacelela izibusiso lapha. Bangaki olapha ukuba akhulekelwe kulobubusuku na? Kubenabanye esibagejile kulokhu ukusa. Uma niphakamisa izandla zabo, uma ni. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl]. . . nokuzwa lobobufakazi, nokudumisa uNkulunkulu ngakho konke ukulunga kwaKhe. Sibonge uNkulunkulu zonke izibusiso ezigeleza kuye. Kunjalo na?

<sup>6</sup> Manje, sizobe sesiqala khona masinya kulezizimfakazo manje, futhi sizozama, noma, ngiyaxolisa, phezu kwemibuzo. Futhi ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzovele nje athulule izibusiso zaKhe nga—ngalendlela.

<sup>7</sup> Futhi manje, ningangivumeli ngibe kuyo isikhathi eside kakhulu. Mfowethu Cox, ngizofuna unginake, wena nabadikoni nihlezi emgqeni ongaphambili, ukuba ningimise uma ngi. . . uma sekuthi akufike esikhathini sokusinika iSidlo (niyabo?), ngoba ngibahlalisa isikhathi eside kakhulu. Ngizozama nje ukusheshisa ngawo onke amandla ami. Futhi manje-ke, uma ngingayiqedi kuleliSonto, ngizoyithola ngeSonto elizayo; qhabo, ngizozama ukuqeda kulobubusuku.

<sup>8</sup> Iyimibuzo emihle impela. Futhi ngiyanitshela, bangane, uma bekungesiyo imvuselelo nezinto zenzeka, ngithanda ukubeka cishe iviki nje ezimfundisweni zeBhayibheli ngqo zika...zikaGenesisi, no-Eksodusi, neSambulo, kanjalonjalo, futhi—futhi nje sibe ne—nesikhathi esimnandi ngempela. Ngiyayithanda imibuzo yeBhayibheli ejulile nezimfundiso zeBhayibheli, inqobo nje uma ningachezukeleli kwenye into ethize eyingane kwane. Nje sihlale ngqo kwelicacile, elidala, iZwi likaNkulunkulu elingaxutshwe nalutho; Liyokuthatha likwedlulise ngqo. Anikukholwa lokho na?

<sup>9</sup> Awu lokho, kulokhu ukusa, sibe neminye—neminye imibuzo emihle kunayo yonke, eminye yayo imayelana nezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane, zazingobani, futhi ziyoba yiyiphi inxenye na? Na—nangoMlobokazi. Futhi o, nje izinto eziningi, futhi nje imibuzo ejule ngempela. Futhi ngibe nembalwa engingatholanga ukuthi ngiyiqede.

<sup>10</sup> Manje, kulobubusuku sizoqala sisukele khona lapha ngalo, futhi sicele iNkosi ukuba isisize. Futhi manje, ngeke salivula iBhayibheli. SingaLivula kanje, kodwa kuthatha uNkulunkulu ukusivulela Lona ngempela. Singawadonsa amakhasi. Kodwa eNewadini yeSambulo, ngenkathi uJohane ebuka, futhi wabona Oyedwa ehlezi phezu kwesiHlalo sobukhosi, futhi kwakukhona...WayeneNcwadi esandleni saKhe. Futhi kwakungekho-muntu owayefanele ukuyithatha iNewadi, noma aqaqe iziMpawu, noma ngisho nokuyibuka. Kungekho-muntu eZulwini, kungekho-muntu emhlabeni, noma kungekho-muntu phansi komhlaba, noma engekho-ndawo owaye—owayefanele. Futhi ubone iWundlu, kungathi Lalihlatshiwe kusukela ekusekelweni kwezwe. Futhi Lafika lase liyithatha iNcwadi esandleni saKhe lase livula iziMpawu; LalinguJesu Kristu.

<sup>11</sup> Manje, bengikhuluma nendoda kuleliviki, usomabhizinisi odume kakhulu edolobheni, ethe kimi mayelana nokubuyela e-Afrika naseNdiya: ithe, “Ngani, basanda kuqeda ukubulala induna yaseBritane lapho.”

Ngathi, “Lokho kuhlangene ngani nami na?”

Yathi, “Ubuyela khona lapho lapho konke ukubulala kwenzeka khona, lesosizwe esinesibhelu, kanjalonjalo na?”

Ngathi, “Impela, yilapho engidingeka khona, lapho iNkosi ifuna ngiye khona.”

Yathi, “Uma bekubulala-ke?”

Ngathi, “Awu, uma uNkulunkulu efuna ngibulawe, ngizobulawa nje, yilokho kuphela.”

Yayisithi, “O, he!” Yathi, “Mfowethu Branham, awufanele ukucabanga lokho. Awu,” yathi, “Angikhathali. Ngicabanga

ukuthi ungokholwayo, futhi ngicabanga ukuthi uyindoda elungileyo,” yathi, “kodwa babulala ngisho noJesu Kristu.”

Ngathi, “Impela, kwakuyintando kaNkulunkulu.”

Yathi, “Ini? Intando kaNkulunkulu na?” Ngi... Naleyondoda ibiya esontweni (futhi isondele emashumi ayisikhombisa), ngokuya esontweni (iseroleni yombhede wezingane esontweni elihle kulelidolobha), futhi ikhuphuke, futhi ayikaze yazi ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ngoJesu ukuba afe.

<sup>12</sup> Ngani, ngathi, “Mfowethu, Wahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe, kusukela ekuqaleni impela. Wahlatshwa ngaphambi kokuba Aze afike ngisho emhlabeni.” Kunjalo na? WayeyiWundlu likaNkulunkulu elahlatshwa kusukela ekusekelweni komhlaba.

<sup>13</sup> Asikhulume kuYe umzuzwana nje ngokwembuzo. Manje, Baba, asifanele, asikwazi, siyaqonda, ukuvula iNewadi noma ukubuka kuyo. Kodwa iWundlu malize manje kulobubusuku, iWundlu likaNkulunkulu elahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe, lithathe izinto ezingezikaNkulunkulu futhi lizethule ebandleni. Kwangathi uMoya oNgeweke ungathwala lamazwi, futhi kwangathi angebe ngamazwi ami noma amazwi omuntu, kodwa kwangathi angaba ngamaZwi kaNkulunkulu kuyo yonke inhliziyoy elambile. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Owokuqala lapha (asinayo ijikeleziswa noma yini, kodwa nje indlela eza ngayo), kubonakala kukuhle kakhulu. Kuqala, bangaki abayikhathalele imibuzo na? Ake sibone owenu . . . Awu, lokho kuhle kakhulu. Inqobo nje uma ngazi.

**15. Manje. Ngabe umuntu ekufeni uya eZulwini noma—noma esihogweni masinya, noma ngabe balindela ukwahlulelwa na?**

<sup>14</sup> Lowo ngumbuzo omuhle kakhulu. Futhi kwenza... ubufanele ukunakwa kahle kakhulu, ngoba wonke umuntu ukhathalele, ukuthi uzoba yini emva kokuba lempilo seyedlule na? Wonke umuntu ukhathalele. Awu manje, mina, okwenxenyeyami, ngi—ngeke ngazi. Ngizofanele ngiphendule ngokuvela eBhayibhelini.

<sup>15</sup> Ngiqagele owesifazane uchithe isikweletu sefoni samadola angamashumi amahlanu esikhashaneni esedlule waseLos Angeles, cishe imizuzu engamashumi amathathu-nanhlanu noma amashumi amane, noma mhlawumbe ngaphezulu, ebangeni elide, ezama ukungithola ukuba ngithi kwakusemthethweni nelungelo kuye ukuba ashiye umyeni wakhe bese egana enye indoda. Angikwenzanga. Qhabo! Ngathi, “Qhabo, mnumzane!”

Wathi, “Awu, umyeni wami uyisoni, nalendoda ingumKristu.”

16 Ngathi, “Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Uzoba sekuphingeni impela njenganoma yini.”

Wathi, “Awu, ngingophethwe yixhwala, futhi asikho isidingo kimi sokuba ngiphile uma ngingeke ngaba nalendoda.”

17 Ngathi, “Ungothonywa ngubuhle nje futhi awukho othandweni, ngoba ubungeke, yilokho kuphela, ngoba lowo ngumyeni wakho. Futhi ufungile ukuthi uhlale naye nize nehlukaniswe ukufa. Noma yini enye esuka kulokho, usekuphingeni.” Futhi ngakho, wayelokhu nje ebambile. Ngathi, “Nenekazi, asikho isidingo. . .”

Wathi, “Uma nje uzongitshela ukuthi kulungile.”

Ngathi, “Ngeke ngakwenza.” Ngathi, “Ngi. . .”

Wathi, “Awu, Mfowethu Branham, sinokukhulu ukukwethemba.”

18 Ngathi, “Ngakho-ke lalela engizama ukukutshela khona. Ngikutshela iQiniso, ngokuba akukho lutho engingakusho kodwa lokho okushiwo nguNkulunkulu.” UNkulunkulu wathi lokho kuqinisile, ngakho lokho kungayo impela nje indlela okuyiyo. Niyabo? Ngathi, “Yileyondlela o—okufanele kube yiyo, futhi yileyondlela okuzofanele kube yiyo.”

19 Futhi manje, kulemibuzo, yileyondlela esifuna ibeyiyo. Manje, bekucatshangwa njalo. . . Manje, phakathi lapha, niyaqonda, kulababantu abancane ngesibalo kulobubusuku, kukhona cishe zonke izinhlobo zemibono ehlukele; futhi sicabanga ukuthi yonke mihle, yonke. Umbono wenu muhle, futhi uyi. . . Kodwa manje, esikwenzayo, sizofanele sibe nomuntu othize. . . Njengehansi, amadada, noma yini, yonke into ha- . . . izinyosi, yonke into inomholi. Uma unomthebe efa, niyazi ukuthi kwenzekani. Idada elingumholi liyafa, bafanele bazitholele elinye. Ukuthi, azofanele nje abe nomholi.

20 Nomuntu uzofanele abe nomholi; noMholi nguMoya oNgewe. NoMoya oNgewele umisa eBandleni kuqala, abaphostoli, emva kwalokho, abaprofethi, kanjalonjalo.

Omunye wathi esikhathini esingeside esedlule, wathi, “Ngani, Mfowethu Branham, asidingi-muntu ukuba asifundise. Uma uMoya oNgewele efika, asidingi-muntu ukuba asifundise.” Wathi, “IBhayibheli lathi ani—nikudingi ukufundiswa.”

21 Ngathi, “Pho kungani uMoya oNgewele ofanayo wamisa eBandleni abafundisi, niyabo, niyabo, futhi wamisa iBandla ngokwenqubo na?” Babeyo. . . Sifanele sibe nabafundisi. Kunjalo.

22 Kodwa ubungafanele ube nanoma ubani. . . Akadingi akufundise ethi, “Ungaphingi; ungafungi, futhi uthathe. . .” Usuvele uyakwazi lokho. Wona impela unembeza wakho kaMoya oNgewele uyakutshela ukuthi kuyiphutha ukwenza lokho.

23 Kodwa manje mayelana nokufundisa ngokomBhalo, kuthatha ogcotshwe ngoMoya oNgcwele. Kunjalo. Futhi uNkulunkulu umise iBandla ngokwenqubo ngabaphostoli nabaprofethi, neziphiwo zokuphilisa, nezimangaliso, kanjalonjalo. Umisa iBandla ngokwenqubo bese ebeka abafundisi kanjalonjalo phakathi lapho ukuhola nokuqondisa iBandla laKhe. Futhi kulokhu ukusa, thina, njengoba sishilo, uJesu phezu komhlaba njengoMzimba waKhe. . . Futhi njengoba nje umzimba waKhe unyakaza, kufana nesithunzi nje sibonisa emhlabeni. Uyonyakaza naso.

24 Manje, abantu abaningi. . . Abantu be-Adventisti bakholwa ukuthi uma umuntu efa ukuthi uqonda ngqo ethuneni futhi ahlale lapho, umphefumulo, umzimba, nayo yonke enye into, kuze kube ngukuvuka. Futhi okwabo. . . Lokho bakubiza ngokuthi “umphefumulo olele.” Awu, lokho kulungile. Kulungile inqobo nje uma bemkholwa uJesu Kristu futhi ezelwe ngokusha, lokho ngeke kubalimaze. Kodwa manje, ngokwemiBhalo, ukuthi uma umuntu efa, uma engumKristu, uma ezelwe ngokusha, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, akasoze adingeka ukuba ame ezahlulelweni zikaNkulunkulu. Niyabo? Uqonda ngqo eBukhloneni bukaNkulunkulu. Futhi akasoze adingeka ukuba abe sekwahlulelweni, ngoba usevele. . . Niyabo?

25 Angidingi ukuba ngimele lokho uKristu angenzela khona. Manje, ngangiyisoni, kodwa ukwahlulelwa kukaKristu. . . Nansi—nansi into egcwele ngamazwi ambalwa: UNkulunkulu wathi, “Mhla udla kuwo, ngalolosuku uyafa.” Lokho kwakuxazulula.

26 Manje, uNkulunkulu uzofanele alicine iZwi laKhe. Akukho okunye angakwenza kodwa ukuba agcine iZwi laKhe, ngoba UnguNkulunkulu. Awu manje-ke, Angeke. Manje-ke, U. . . Wehlukani siwe noNkulunkulu. I. . . Futhi manje-ke, uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ukhuluma amanga. Ngakho uma uzalwa, uyisoni ngemvelo. Ngakho akukho lutho ezweni ongalwenza ngakho. Akukho lutho ebengingalwenza ukuba ngizisindise noma wena ukuba uzisindise. Kuyilokho uKristu asenzela khona kuNkulunkulu, noma, lokho uNkulunkulu asenzela khona kuKristu. Niyabo? Akusikho, awu, noma ngabe ngicabanga *lokhu* noma ngenza *lokhu*, kungukuthi noma Wakwenza *lokho*.

27 Awu manje, sikuYe. Wamela ukwahlulela kukaNkulunkulu-ke; Wathatha ukwahlulelwa. Futhi Yena, engongenacala esonweni, engazi-sono, nokho wenziwa isono ngathi. Ngakho inqobo nje uma ukuKristu, ukhululekile ekwahlulelweni. “Nxa Ngibona iGazi, Ngiyodlula kini.” Niyabo, niyabo? Kuyilokho. IGazi, elisikhululayo.

28 Manje, isoni asilokothi. . . Isoni sizofanele sikumele ukwahlulelwa. Futhi akuyikubakhona kuphela lokhu

ukwahlulelwa. Nje kufana ne—nendingilizi noma uthingo lwenkosikazi luzungeze izwe leGazi likaKristu. Futhi inqobo nje uma uphakathi lapha. . . Uma uNkulunkulu engahle abuke phezu komhlaba esimweni sawo kulobubusuku noma yiyiphi enye indlela kunangeGazi likaKristu, Ubengawubhubhisa ngomzuzwana. Ubeyofanele. Impela Ubeyofanele. Kuza lapho-ke ukwahlulelwa.

<sup>29</sup> Manje, uma, noma, inqobo nje uma owesilisa ephansi kwalapha, akunandaba noma ngabe owesilisa uyisidakwa, nomgembuli, nongakholwayo owesabekayo, umusa omningi kaNkulunkulu usalokhu umenzela ukubuyisana kuye. Nowesifazane, angahle abe yikho, noma angahle abe yini, isifebe kumbe noma ngabe yini, iGazi likaJesu Kristu lisalokhu limenzela ukubuyisana. Kodwa umzuzu umphefumulo wakhe osuka ngawo kulomzimba futhi uhamba aye ngaphambili le kwalokho, usedlule emseni wayongena ekwahlulelweni. UNkulunkulu usevele umehlulele. Lokho kuyakuxazulula. Usephelile. Usehlulelwe. Usehlulelwe.

<sup>30</sup> Uzehlulela wena ngendlela ophatha ngayo inhlawulo kaNkulunkulu lapho ngezono zakho. Niyabo? Uzehlulela wena. AwuMehluleli ngokwenele nje ukuba akuthethelele. Niyabo? Uma ucabanga ukuthi Uzokuthethelela, uvuma amaphutha akho, futhi Uzokuthethelela.

<sup>31</sup> Manje-ke ngaMoya munye (qaphelani) thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye. Futhi njengoba lowomzimba wavuswa nguNkulunkulu, wavuka kwabafileyo, walungisiswa, uhlezi ngakwesokunene saKhe emandleni nobukhosi eZulwini, ngakho labo abafileyo kuKristu, bakuKristu, futhi bakhululekile ekwahlulelweni, futhi bayovela ekuvukeni.

<sup>32</sup> Manje. Kodwa uma sifa manje—uma sifa manje, siqonda ngqo eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla emzimbeni wasezulwini. Uma bengiyohlangana noMfowethu Neville phezulu lapho, uma sobabili sifa manje, ehoreni kusukela manje ngiyohlangana naye; ngiyothi, “Ngiyakubingelela, Mfowethu Neville,” ngikhulume naye. Bengingeke ngamxhawula; usemzimbeni wasezulwini. Bengingakhuluma naye; ubengabukeka njengoba enza lapho. Bengingabuka njengoba genza. Kodwa besingakhulumisana, kodwa besingeke sithintane, ngoba asinayo emyizwa emihlanu yokubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Niyabo? Kodwa besizoba ngumuntu ongaseyikufa, futhi besingabonana. Besiyohlala ezindaweni ezibusisiweyo ngase altare likaNkulunkulu. Anazi yini uJohane wabona imiphefumulo phansi kwe altare imemeza, “Koze kube-nini, Nkosi, koze kube-nini” ukuba ize emhlabeni ukuba yembathiswe na?

33 Manje-ke, ngenkathi uJesu, manje okithi ngesimo sikaMoya oNgcwele, uma umzimba waKhe wasezulwini, uMoya oNgcwele, usubuya nomzimba okhazimulisiweyo, siyokhazimuliswa kanye naYe futhi siMfuze. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? Khona-ke ngiyomxhawula bese ngithi, “Nakhu, Mfowethu Neville.” Khona-ke siyodla.

34 Bukani. UJesu watshela abafundi baKhe, bethatha iSidlo sabo, Wathi, “Angisayikudla okwesithelo somvini ngize Ngisidle futhi ngisiphuze nani kabusha eMbusweni kaBaba waMi.” Kunjalo na? Niyabo? Nakho. Ngakho, si . . . Uma ofileyo efa . . . Umuntu olungisisiwe, emi eBukhoneni bukaNkulunkulu, uya eBukhoneni baKhe njengesidalwa esingaseyikufa futhi sihlala ezindaweni ezibusisiweyo zokuthula kuze kube wusuku ukuthi . . . uyabuya.

35 Manje, kwakukhona isikhathi ukuthi abantu babengayi eBukhoneni bukaNkulunkulu ngenkathi befaka, abalungisisiweyo. Lokho kwakuseTestamenteni eLidala. Babeya endaweni eyayithiwa yiParadisi, futhi lapho imphefumulo yabalungileyo yayilinda eParadisi. Kodwa iParadisi laliyindawo lapho uNkulunkulu wayegcina khona imphefumulo njengasezweni lamaphupho, kwaze kwachithwa iGazi likaJesu Kristu; ngokuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lalingesisuse isono, kuphela lalisisibekela isono. Kodwa iGazi likaJesu lisusa isono.

36 Niyaqaphela ukuthi abaKhe . . . ngenkathi Efa eKalvari . . . Futhi ekubuyeni kwaKhe, Wakhapha ethuneni labo abangcwele abafuleyo ababefe phansi kokubuyisana kwegazi lezinkunzi, nelezimbuzi, nezithole. Base bengena emzini (o!) futhi babonakala kwabangingi. Sihle kanjani pho isithombe! O, ukuba nje besingasipenda umzuzwana. Bukani uJesu ngenkathi Efa.

37 Lapha, njengoba bengisho kaningi, ngiyakholwa, ebandleni lapha, kukhona u—uhlu lapha okufana nalo, phakathi lapha kuhlala izidalwa ezifayo. Futhi ngamunye ukwesikhulu isibumbatha sokutamasa, sobumnyama nesigayegaye. Abantu abasazofa baphila phakathi lapha. Manje, kuphakathi kokuthi bathonywa kulendlela, noma kuleyondlela. Ungebe ngapha uyisidalwa somoya, isoni noma ongcwele, ungenakho ukuthonywa okuvela ezweni elingaphansi noma ezweni elingaphazulu. Uma uthonywa ngokuvela lapha, uvela phezulu. Umzimba wakho wasezulwini ulindele phezulu lapha. Kodwa uma umubi, futhi unokuzenzisa, nokunganaki, umzimba wakho wasezulwini uphansi lapha, kungakhathaleki ukuthi ucabanga kangakanani ukuthi uphezulu lapho; ngoba isithelo osithelayo phambi kwabantu siyafakazisa ukuthi wena ungowakuphi. Ngakho ulapha lokho oyikho kwenye indawo. Impilo yakho oyiphilayo lapha nje ibonisa ukuthi liyini ifa lakho uma usuka lapha. Niyaqonda na?

<sup>38</sup> Sikhona manje (o, uma ngicabanga ngalokho) khona manje sikhazimulisiwe ebukhloneni bukaNkulunkulu, amakholwa azelwe ngokusha. “Ngokuba uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile eNkazimulweni,” hhayi kwenye indawo ethize, khona ngaleya eselivele lilindile manje. Nalemizimba yasemhlabeni ibubulela ukwelakanyiswa ngokungafi. Kunjalo na? Ukugula, ukuqaqamba, nezinhlungu, nezindumalo, nezinsizi, ne . . . O! Ngiyojabula uma lendlu endala yezifo zabaguliswa yizinhluho isivaliwe, ningeke nina na? Yebo, mnumzane! Singaya eKhaya. Kunjalo.

<sup>39</sup> Nje, thina si, bubula ukulakanyiswa, imiMoya ibubula. O, uma ubuka futhi ubone bonke ubuhlungu macala onke, sonke isibumbatha, ukunuka, nesono, nokuphila kwabantu abafayo, nenkohliso, nakho konke, ngiyacabanga, “O, Nkulunkulu, kuyoze kube nini na?”

<sup>40</sup> Ngolunye lwalezizinsuku ngiyoshumayela intshumayelo yami yokugcina, ngiyobeka iBhayibheli phansi kanje, bese ngiya eKhaya. O, lesa kuyoba yisikhathi esimnandi. Futhi uma lelidokodo lasemhlabeni seliphelile lapha, akuyikuba ngumzuzwana owozwa sengiyobe sengingaphesheya le; niyoba njalo nani. O, he! Akumangalisi bathi:

Lengubo yenyama ngiyoyiqathaza futhi  
ngivuke,  
Futhi ngibambe umklomelo wami  
wangunaphakade;  
Futhi ngimemeze ngisedlula emoyeni . . .  
(Impela, ngihamba ngenyuka.)

<sup>41</sup> Manje, kuphi lokho na? Sinakho kuphi na? Manje! “Labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile futhi.” Futhi niyaqonda yini ukuthi owethu okhazimulisiweyo, umzimba ongafiyayo ulinde eBukhloneni bukaJesu Kristu khona manje, ulindele thina ukuba size na?

<sup>42</sup> Niyazi uma ingane izalwa kulomhlaba, ngaphambi kokuba izalwe inokuphila. Kodwa ibingakazalwa. Futhi kuthi nje masinya uma leyongane ifika kokwayo . . . iqala uku . . . izalwa . . . Amaphaphu ayo onke avalekile, futhi ifile. Imisipha yayo iyadikiza futhi idlikiza. Kodwa into yokuqala, nje ukuthwansulwa ezingeni kancane noma kabili [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kathathu—Umhl.] *kanjalo*, futhi iyo [UMfowethu Branham uyabefuzela.] ibambe ukuphefumula kwayo. Yin’indaba na? Kuthi masinya lowomzimba wemvelo ukugumbeka kumama, kukhona umzimba womoya olindele ukuwemukela masinya nje leyongane ingazalwa.

<sup>43</sup> Futhi njengoba kuqiniseke impela nje njengoba lomzimba womoya ubumbeka, kukhona umzimba wemvelo olindele ukuwemukela masinya nje lapho uphuma kulelizwe. Niyabo?



Ngapha nangapha, ubuyela ngqo e-Edene futhi (niyabo?), nje emuva ngqo.

<sup>44</sup> Manje phakathi lapho, uNkulunkulu . . . Ngani ukufa, lokho nje—lokho nje kushaya kukhiphe lonke udosi luphume ekufeni okukhona. Futhi akumangalisi uPawulu wakwazi ukuma futhi athi, “Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?” Wathi, “Makabongwe uNkulunkulu osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.” Yebo, mnumzane. Lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa sesivele sinalo elilindile, ngakho nje khohlwa yikho.

<sup>45</sup> Manje kuwe, mngani, uma uyisoni obuze lokhu, uNkulunkulu akuhawukele. Yebo, mnumzane! Awukho kuphela ngaphansi kokulahlwa manje, hhayi lapha, qhabo! Uyophumelela futhi uqhubeke. Futhi konke lokho kungomusa omningi kaNkulunkulu. Konke lokho kungomusa omningi kaNkulunkulu ukuthi uphumelele futhi wenze okwenzayo. Lokho kuqinisele. Kodwa ngolunye lwalezizinsuku, uma uyisoni nomphfumulo wakho uphume uthi monyu, uyohamba uyongena ngaleya ekwahlulelweni futhi uyolahlwa ngecala. Bese kuthi-ke, uyontshingwa, futhi uyoba sekuhlushweni kuze kube lusuku obuyiselwa ngalo kulomhlaba futhi. Futhi uyothola umzimba ongafi, umzimba ongafi ongeke wafa, futhi uyophoswa ebumnyameni obungaphandle lapho okuyobakhona ukukhala, ukulila, nokugedla amazinyo. Uyophoswa esihogweni, lapho khona impethu ingafi neze noma umlilo ungacimeki neze, futhi uyohlushwa yonke iminyaka okhona oyakuza. UJesu wakusho lokho. Leso yisithombe esimnyama, kodwa kuyilokho okwashiwo yiBhayibheli.

<sup>46</sup> Uma uNkulunkulu asilahla ngecala kangaka isono futhi waba naso sabiza inani elingaka, kuyoba yini uma leyomimoya engalungile ike yaze yenziwa yadedelwa futhi na? Besiyoba nenye into enjengesibe nayo eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha edlule. Kunjalo na? Alisophinde libekhona elinye ithuba futhi.

<sup>47</sup> Manje wena uthi, “Awu, ngikholwa ukuthi uma uya ethuneni u—uya esihogweni.” Umzimba wakho uya esihogweni, kunjalo. *Isihogo* kusho “ukwehlukana.” *Ukufa* kusho “ukwehlukana.” Umzimba wakho uyafa, uyehhlukana. Uyahamba usuke kwabathandekayo bakho lapha, kodwa lokho akusikho esikhuluma ngakho. “Kumiselwe ukuba umuntu afe kube kanye, bese kuthi emva kwalokho, ngukwahlulelwa.” Niyabo?

<sup>48</sup> Manje, nxa u . . . uma uzodingeka ume ekwahluleleni kukaNkulunkulu, uzokwehlulelwa nguNkulunkulu othukuthele. Futhi uNkulunkulu uzo . . . usevele ukumemezele Ayezokwenza. Ngakho wena usuyazi ukuthi ukwahlulelwa kwakho kuyoba yini ngaphambi kokuba ngisho uze ufike lapho.

Ngakho into yokuba yenziwe ngukuthi usindiswe futhi ube nalesidalwa esikhazimulisiwe. . .

<sup>49</sup> Bukani. Uma ngidingeka ngi. . . uma umoya wami. . . Bukani, asisiyo into ethize efile; siyaphila. Uma—uma owami. . . uma lelideski lapha. . . uma lelilupangwe belinokuphila kulo okusemneni wami, lelo deski, futhi lalinobuhlakani bokuwunyakazisa, linganyakaza njengoba umunwe wami unyakaza. Asenziwe ngalolohlobo lwempahla. Senziwe ngezi—zi—zi—zinhlayiya, nangokuphila, nangomsipha; futhi kukhona umoya lapha okulawula konke. Futhi nje bukani ukuthi uhamba masinyane kanjani. Bukani lapha; isandla sami sithinta lokho. Manje, kuzothi masinya nje. . . Kuzobakhona ukunyakaza kokuphikisayo nokuvumayo. Uthi nje umunwe wami ungathinta lokho, uyakuzwa lokho. Lokho ngokushesha kuya engqondweni yami, nengqondo yami ithi, “Lokho kuyabanda,” futhi kubuyela emuva. Niyabona ukuthi lokho kushesha kanjani na? Kushesha ukwedlula umcabango, kushesha ukwedlula noma yini, yisenzo lapho. Kuyini na? Kukhona into ephilayo lapho, nalowomuzwa usebenza engqondweni. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? Umuzwa uyakuthinta, ukuzwe, bese uthi engqondweni, “Kuyabanda.” Ingqondo ithi kuyabanda, ngoba ikuzwe ngomuzwa. O, he! Ukhuluma ngento yokwenziwa.

<sup>50</sup> Bese kuthi-ke, konke okwalokho. . . Ushesha kakhulu kanjani uNkulunkulu ukwazi wonke umcabango esiwucabangayo. Yonke into esiyenzayo, Uyazi ngayo.

Ngakho uma ikholwa lifa, lihamba lingene eBukhoneni boMenzi walo, uNkulunkulu walo. Nesoni, uma sifa, siya esiphethweni saso. Bese kuthi ekubuyeni. . . Manje, ngikhuluma manje ngabaKhethiweyo.

<sup>51</sup> Kodwa kukhona abanye abayovuka ekuvukeni kwesibili, abayodingeka ukuba bame ekwaHlulelweni kanye nesoni, ukuba behlulelwe naso. Ngifuna ukuqiniseka ukukuthola lokho. Niyabo?

<sup>52</sup> Manje, kuyobakhona. . . Okokuqala okuyokwenzeka kuyoba nguku—kufika koMlobokazi. Kuyobakhona abantu ezweni. . . Ngi. . . Ungahle wehlike kancane ngalokhu, kodwa lalelisisani. Ngenxa nje yokuthi wemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nomuntu, lokho akusho ukuthi uyoya ekuHlwithweni. Lokho kungokwabaKhethiweyo, abayoya ekuHlwithweni. Kuyoba nensali eshiywa lapha emhlabeni eyokwedlula ekuhlushweni nokuHlupheka okukhulu. IBandla liyohlwithelwa oHlwithweni.

<sup>53</sup> Bangaki abesifazane lapha ongazi ukuthi uma uyosika isiqephu sendwangu wendlala indwangu kanje, bese wendlala iphethini yakho kuyo kanje, bese usika indwangu ngokwephephethini nje. Kunjalo na? Futhi yonke enye indwangu iwuhlobo olufanayo nje lwendwangu esephephethinini. Kunjalo na? Kodwa yiluluhlobo oluthathayo. Ungahle ukubeke lokho

le ukuba kuqhubeke kusetshenziswe, kodwa i—indwangu osika kuyo. . .

<sup>54</sup> Manje, ubani obeka iphethini na? UNkulunkulu, ngokhetho. Amen! UNkulunkulu ngokhetho ubeka iphethini. Wathi, “Manje, Ngikhethe ngaphambi kokusekelwa kwezwe. . . Ngibeke lezi. . .” Ngani, uJesu watshela abafundi ukuthi Wayenabo, futhi Wayebakhethile, futhi wayebazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe kuze kubekwe. Kunjalo na? Ngakho uNkulunkulu ubeka iphethini. Manje, kuyobakhona abaKhethiweyo abayoya oHlithweni. Futhi kuyobakhona iqembu labantu lowo olungile, abami baqonde, abaphila ngokungcwele, abantu bakaNkulunkulu abasindisiwe, abangeke babe sekuHlithweni; futhi bayovuka ekuvukeni kwesibili, ngoba. . .

<sup>55</sup> O, ngi—ngiyethemba ningeke ningithukuthelele uma nje ngenza into ecace ngempela lapha kini. Niyabo? Ningakwenzi. Ngi—ngifanele ngiyisho, ngoba ngi. . . ilokhu iklinya kimi (niyabo?) ukuba ngiyisho. Bukani. Manje bukani. Manje-ke, ngizosho lokhu: Kukhona abantu abakholelwa ekulungisisweni ngokukholwa (niyabo?), futhi baphila enhle, ehlanzekile, impilo engcwele; bakholelwa ekungcwelisweni futhi, yemukela. . .

<sup>56</sup> Bukani uJuda Iskariyote. UJuda Iskariyote walungisiswa ngenkathi ekholwa eNkosini uJesu Kristu futhi waMemukela njengoMsindisi wakhe aqondene naye, uJuda Iskariyote. UJuda Iskariyote wangcweliswa kuJohane 17:17 futhi wanikwa amandla kuMathewu 10 ukuba aphume futhi akhiphe amademoni. NoJuda Iskariyote uyabuya, emva kokuba esephilise abagulayo futhi wakhapha amademoni, futhi ubuya ejabula futhi ememeza kahle kakhulu impela nje njenganoma yimuphi umgingqiki ongcwele olungileyo enake nambona. Kunjalo na? IBhayibheli lisho njalo. Kodwa esefika ePhentekoste, wakhombisa ubunjalo bakhe. Manje bhekisisani lowo—lowomoya.

<sup>57</sup> Kunabantu ezweni namhlanje, abantu abangamaKristu alungileyo abayokholelwa ekulungisisweni, abanangi babo, izinkulungwane, izigidi ezikholelwa ekulungisisweni. Kodwa abayikuhlangana ngalutho nokungcweliswa. Besingathi leyo yiPresbyterian, i-Episcopalian, kanjalonjalo. Bayakholelwa ekulungisisweni; bayakushumayela. Futhi kuhle; baqinisile.

<sup>58</sup> Kodwa manje, ama—amaNazaren, iPilgrim Holiness, iFree Methodisti yenyukela ekungcwelisweni. Bakholelwa ekungcwelisweni. Kuyikho! Baqinisile. Futhi bathola ukunqoba, nokumemeza, futhi badumisa iNkosi. Basho khona; baqinisile. Kodwa khuluma komunye wabo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, namandla, nezibonakaliso, nezimanga, bayokhombisa ubunjalo babo khona lapho. Bathi, “Angifuni lutho lwalokho. Angikholwa. . .” Awu, ngisho nakubantu

bakithi abangamaNazaren, bakholwa ukuthi umuntu okhuluma ngezilimi ngokadeveli. Futhi, mfowethu, wenza lokho, u. . .

<sup>59</sup> Ngani, bakhipha uDkt. Reidhead eziMishini zaseSudan, umongameli wayo, ngenxa yokuthi wakhuluma ngezilimi. Wathi, “Ngeke saba nakho.”

<sup>60</sup> Ngathi, “Ungeke-ke washumayela njengoPawulu. Ungeke wemukela iVangeli likaPawulu, ngokuba uPawulu wathi, ‘Ningakuvimbeli ukukhuluma ngezilimi.’” Kunjalo. Kodwa ba—bathi ngokukadeveli. Babone inqwaba yento-mbumbulu, futhi bakuthwala konke laphaya. Niyabo? Kodwa kukhona ibandla elilungisisiwe nelingwelisiwe; kodwa liphike ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ungumsebenzi ohlukile ekungcwelisweni. Kodwa ku—kungumsebenzi ohlukile. Impela yiwo.

<sup>61</sup> Kwakukhona izinto ezintathu ezingumsuka ezavela emzimbeni kaKristu. Nezinto ezingumsuka ezifanayo ezavela emzimbeni waKhe yilokho esikusebenzisayo ukuba siye eMzimbeni waKhe. Kwakukhona amanzi (kunjalo na?), iGazi (kunjalo na?), noMoya. NoJesu, umBhalo wathi, “Bathathu abafakazayo eZulwini, uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Laba abathathu baMunye; baMunye. Kodwa bathathu abafakazayo emhlabeni; abamunye,” wathi, “kodwa bavumelana njengoyedwa: aManzi, iGazi, noMoya.” Kunjalo na?

<sup>62</sup> Manje, ungeke waba noYise ngaphandle kokuba neNdodana. Ungeke waba neNdodana ngaphandle kokuba noMoya oNgcwele, becau-. . . kodwa ungalungisiswa ngaphandle kokungcweliswa. Futhi ungaba nakho kokubili ukuthi ulungisiswe futhi ungcweliswe futhi ube usalokhu ungenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Niyabo? Lokho kuqinisele. Lowo ngumBhalo. “Laba abathathu,” wathi, “abafakaza emhlabeni, amanzi, iGazi, noMoya; futhi bavumelana kokukodwa.” Niyabo? Abamunye, kodwa bavumelana kokukodwa, ngoba nguMoya ofanayo ngesilinganiso. UNkulunkulu usipha uMoya ngesilinganiso.

<sup>63</sup> Manje, uLuther, phansi kokulungisiswa, yilokho akushumayelayo. Kunjalo na? ULuther washumayela, “Abalungileyo bazakuphila ngokukholwa.” Wayenomlayezo omkhulu. Naleyo kwakuyinxenye kaMoya oNgcwele. Kwase kuthi uLuther, ngenkathi kuvela umlayezo, uNkulunkulu wayezovusa iBandla laKhe bese eLithumela kakhulu ngokuthe xaxa (o, he!), uLuther wathi, “O, siyakholwa sinaKho lapha.”

<sup>64</sup> Kodwa uJohn Wesley wathi, “O, qhabo!” Yena no George Whitefield nabo, bathi, “Siyakholelwa ekungcwelisweni, lokho, kunjengomsebenzi womusa oqinisekayo wesibili.” Kunjalo na? Futhi bashumayela iGazi. Awu, uma uLuther wayengafuni ukunyakaza, uNkulunkulu uvele nje akunike amaMethodisti

kaWesley. Niyabo? Futhi babenakho. Futhi ayenemvuselelo eyashanela izwe, neBandla langempela.

<sup>65</sup> Awu, manje, uma lesosikhathi sifika ngaphambili... Manje, nakhu kufika ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgwele bezibonakaliso, izimanga, nezimangaliso. Manje, uWesley wayengafuni ukuvumelana nalokhu. Manje, ukuba uWesley wayesemhlabeni noMartin Luther wayesemhlabeni ngalezizikhathi, babeyovumelana nakho, kodwa nje bathola cishe umjikelezo wesibili wemine noma imijikelezo emihlanu yabaphostoli bedlula kukho, futhi nje bakukhukhula bakususa konke.

<sup>66</sup> Manje, iPentecostal yemukela futhi yakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ase-ke ekuphendulela ekutheni “ubufakazi bokuqala obubonakalayo,” ukuthi wonke umuntu wayefanele akhulume ngezilimi. Leso yisiphosiso. Kodwa manje—manje bayabuya...Lezo kwakuyizici ezikhona ezazinikezwe nguNkulunkulu. Njengokuthi nje akukho engingakwenza, ngoba nginamehlo al’hlaza s’bhakabhaka, noma...UNkulunkulu uyakunikeza nje. Leso yisiphiwo nje eBandleni. UNkulunkulu wazimisa phakathi. “UNkulunkulu umisile eBandleni...” Niyabo?

<sup>67</sup> Manje. Kodwa uma beza behambisana nalokho...Manje, babenesibusiso esikhulu, bahamba baya ngaphambili le kweLuthela noma i—iMethodisti, noma omunye. Futhi manje, ahlelile ngendlela impela aseze abe mabi ukwedlula iMethodisti namanye, amaPentecostal. Bese kuthi-ke, asefike endaweni lapho umjikelezo wesibili noma wesithathu...Sekube cishe yiminyaka engamashumi amane selokhu aqala ukwemukela ukukhuluma ngezilimi. Kodwa lesisihlahla sikaNkulunkulu sinezithelo ezehlukene eziyisishiyagalolunye kuso. Manje, noma yisiphi salezizithelo ungaba naso. Niyabo? UNkulunkulu uzithumele, kodwa kanyekanye kuphuma esihlahleni.

Manje, ukungcweliswa, kubukeni.

<sup>68</sup> Bukani isifundo salokhu ukusa. Ngenkathi kubekwa ukwaHlulela, nezincwadi zavulwa...Manje, uJesu wafika nezinkulungwane eziyishumi ziphindwe kazinkulungwane eziyishumi zabangewe, kwase-ke kubekwa ukwaHlulela. Lapha bonke bazungeze ukweHlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe (njengoba sedlulile emBhalweni nakho), nezincwadi zavulwa; nenye iNewadi yavulwa okwakuyiNewadi yokuPhila. Nalaba ekuHlwithweni babebahlulela. Kunjalo na? Labo abakwenzile baya ekhaya futhi bemukela imizimba yabo ekhazimulisiweyo, futhi baphila sonke isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, wayelapha ekwaHluleleni kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe, behlulela labo. Wathi Uyohlukanisa izimvu ezimbuzezi.

Manje, wena uthi lapha, “Ngani, manje bukani.” Wena uthi, “Ngabe lokho kwenyukela . . . Ngaphi, Mfowethu Branham na?” Ekwahluleleni kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe.

<sup>69</sup> “Kuthiwani-ke ngokuba sekuHlwithweni na?” Awu, ngesikhathi sokuHlwithwa . . . uJesu wakufundisa lokho njengomfanekiso. Futhi Wawufundisa ngezindlela eziningi ezehlukene. Nansi indlela eyodwa. Wathi kwakukhona izintombi eziyishumi ezaya ukuyohlangabeza iNkosi. Futhi so- . . . Zonke zaziyizintombi, kodwa ezinye zazinamaFutha ezibanini zazo nezinye zayeka amaFutha aphela. Kunjalo na? Futhi ngenkathi uMlobokazi . . . Manje, kwakuyini amaFutha na? AmaFutha kwakunguMoya oNgcwele; iBhayibheli lasho njalo. Manje bukani. Zaziyizintombi. Manje, kusho ukuthini ukuthi *intombi* na? “Ongcwele, ohlanzekile, ohlukanisiwe, ongcweliwe.” Kunjalo na?

<sup>70</sup> Ukuba benginengilazi encane lapha bengizonikhombisa ukuthi ini . . . Lapha, isibonelo nje njengalelibhodlela lapha, ukuba belingenalutho, ngase ngilicsha, futhi nje belingcole nje ngakho konke . . . Ngifuna ukulisebenzisa. Awu manje, into yokuqala engifuna ukuyenza ngukuLungisiswa. Ngiyalicsha ngoba ngifuna ukulisebenzisa. Lingcolile; ngilithole phandle e—esibuyeni sezingulube, kumbe noma ngabe bekukuphi. Manje, uma ngiluhlobo olukahle lomuntu, awu, angifuni ukufaka into ehlanzekile lapho engizoyisebenzisa. Ngi—ngifanele ngiyilungise leyonto kuqala. Manje, into edlula yonke engifanele ngiyenze ngukulikhuhla, ngilihlanze, futhi ngilingwelise. Kunjalo na? Manje, lisho ukuthini igama elithi *ngcwelisa* na? “Kuhlanziwe kwase kubekwa eceleni kwenzelwa ukusetshenziswa.” Izitsha zethempeli elidala zazihlanzwa futhi zibekwe eceleni zenzelwa ukusetshenziswa.

<sup>71</sup> Manje, nanto iBandla: uNkulunkulu wabacsha onyakeni wamaLuthela, ukulungisiswa; unyaka kaWesley, Wabangwelisa; nakulonyaka Uyabagcwalisa. Niyabo? Ufaka ukuPhila kubo. Futhi uma lokhu, ukuPhila kwaKhe ngoMoya oNgcwele . . . UMoya oNgcwele wabacsha; uMoya oNgcwele wabangcwelisa; uMoya oNgcwele wabagcwalisa. Niyabo? Konke yiBandla elifanayo.

Kodwa manje bukani. Manje ngalolusuku . . .

<sup>72</sup> Manje, ngicabanga ukuthi uLuther, uWesley, nabo bonke, abaningi babo bayohamba bangene ekuHlwithweni. Babenenxenyane kaMoya washunyayelwa kubo; bawukholwa.

<sup>73</sup> Manje, oHlwithweni . . . Kunabantu namhlanje abahamba bangena kulawomahlelo abangaqhubekelanga phambili. Yi . . . bekunehlelo elilodwa kuphela, lelo yiBandla likaNkulunkulu; futhi nje Liqhubekele phambili ngokufanayo nje. Kodwa lezi zihlangano izephulile lezizinto kanjalo. Nabantu abaningi namhlanje bazobuka umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi

bathi ungumbhedo. Kodwa nokho kade belungisisiwe; nokho kade bengcwelisiwe. Kodwa bathi, “O, lokho ngukuqhubeka, leyonto.”

<sup>74</sup> Ngiyazi udeveli unazo zonke izinhlobo zezichuse azikhiphile. Yilapho othola khona ama apula amahle, kungalapho isichuse sikhona. Kunjalo. Hamba nje uqhubeke ngqo ungene emva kwento, hamba udla ama apula. Niyabo?

<sup>75</sup> Manje, lokhu...Khona-ke uNkulunkulu wagcwalisa ngoMoya oNgcwele...Wayese-ke Ehlela kahle iBandla laKhe ukuba aLikhazimulise. EkuFikeni kwesibili, nakhu kufika iBandla libuya, uMlobokazi. Manje bhekisisani. Nibone ukuthi ngabe badlula kuso yini iSikhathi sokuHlupheka. Wathi, “Lezizintombi, ezifikayo zase zithi, ‘Sipheni amaFutha kwawenu.’”

“UMyeni uyafika!” Kwezwakala umsindo, “Bhekani, uMyeni uyeza. Phumani niMhlangabeze.”

Nalezizintombi, ezaziyizintombi, zingcwele, zingcwelisiwe (kucabangeni), ezingcwele, abantu abangcwelisiwe ngaphandle kombhaphathizo kaMoya oNgcwele, zathi, “Sipheni amaFutha!”

<sup>76</sup> NeBandla lathi, “Sinanele thina nje. Hambani nikhulekisisa-ke.” Kodwa isikhathi siyobe sesedlule ngaleyonkathi. Ngakho, ibandla laya eMshadweni, nalezi ezinye zaphoswa ebumnyameni obungaphandle (kunjalo na?), lapho okwakukhona ukukhala nokulila nokugedla amazinyo; futhi zahamba zedlula kukho ukuhlushwa, zahlupheka, zafa.

<sup>77</sup> UJesu wabuyela emhlabeni. Ukubusa isikhathi seminyaka eyiNkulungwane kuyangena, iminyaka eyinkulungwane naYe. Nakho kufika a—abalungile nabangalungile. Futhi Behlulela wonke umuntu. Nezimbuzi zazingakwelinye icala nezimvu zingakwelinye icala. Wayesefika-ke uNkulunkulu ekhuphula iBandla ebubanzini bomhlaba enzela umhlangano wokukhempa, lapho sonke sihlangu ndawonye nabathandekayo bethu. Niyabo? Nanko umehluko.

<sup>78</sup> Manje, lababantu lapha...Impela uma sifa, uma sikuKristu Jesu, siyahamba ukuba siyoba nalowoMzimba omkhulu ngaphesheya, uKristu Jesu. Uma siyizoni, siyahamba ukuba siyoba nalowomzimba omkhulu wabangakhulwayo; noNkulunkulu wathi inxenye yethu yayikanye nabazenzisi, kanjalonjalo, esihogweni. Amen! Kungahle kungacaci nje kahle.

Kodwa, asibone manje uma singathola...Inothi elincane nje lapha.

**16. Ngiyacela chaza u-Eksodusi ese 24...isahluko 4 nevesi 24. Usho ukuthini lomBhalo—ukuthi uNkulunkulu wahlosa ukumbulala uMose noma indodana yakhe na? Futhi kungani na?**

<sup>79</sup> Siyazi ukuthi lokho kukuphi, u-Eksodusi 4:24. Lowo ngumbuzo omuhle. Manje, lapha sizokufunda khona lapha umzuzwana nje. U-Eksodusi 4 nelama 24:

*Kwathi endleleni endlini yezihambi, iNkosi yahlangana naye, yafuna ukumbulala.*

Bangaki oyikhumbulayo indaba na? Manje, uNkulunkulu wanika u-Abrahama, izizukulwane ngaphambi kukaMose, isibonakaliso sokusokwa. Naleso kwakuyisivumelwano uNkulunkulu asenzayo, ukuthi wonke umJuda ufanele asokwe. Kunjalo na? Wonke owesilisa ufanele a...Lokho kwakuyisibonakaliso.

<sup>80</sup> Futhi ngabe sisokiwe namhlanje na? NgoMoya oNgcwele, hhayi ngenyama.

<sup>81</sup> Manje. Manje, uNkulunkulu wanikeza lomyalo, “Futhi wonke owesilisa ufanele asokwe.” Futhi uNkulunkulu, ngenkathi Ebiza uMose ukuba ehlele lapho futhi akhulule abantwana bakwa-Israyeli, uMose wayengakasenzi endodaneni yakhe, sona impela isibonakaliso sokukhulula. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na?

<sup>82</sup> Bekungaba njengami ngithi, “Nonke nina bandla manje, nonke nina—nina eningenayo futhi nabhaphathizwa lapha ngamanzi, bese sinifaka ebulungeni bebandla. Sonke sizoDumisa ndawonye.” Ngani, mfowethu, lowo akusiwo umBhalo. Ngaphandle uma uzalwe ngokusha, wasokwa ngoMoya oNgcwele...Ufanele. Angikhathali ukuthi ulunge kangakanani, ukuthi ukhonza kuliphi ibandla, ukuthi abazali bakho wayelunge kanjani, ngaphandle uma wena ngamunye uzalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, awusoze wangena oHlwithweni. Uyabo? Ungeke wahamba. Leso yiso impela isibonakaliso sokukhulula, ukusokwa; nokusoka kungoMoya oNgcwele. Manje uNkulunkulu... .

<sup>83</sup> U—umbuzi ubuze lokhu: “Ngabe—ngabe lomBhalo usho ukuthi uNkulunkulu wahlosa ukubulala uMose noma indodana yakhe na? Futhi kungani na?” UNkulunkulu wayelandela uMose. NoZipora kwaba nguye kuphela owamsindisayo lapho. Ngokuba uZipora wathola idwala elibukhali, wayesehamba, wayesesika ijwabu lengane yakhe, wayeseliphosa phambi kukaMose wayesethi, “Ungumyeni wegazi kimi.” Kunjalo na?

<sup>84</sup> NoNkulunkulu wayezoyithatha impilo kaMose, kodwa mhlampe iNgelosi yayimi lapho, yathi, “Zipora! Kubambe masinya!” Niyabo?

<sup>85</sup> NoZipora wahamba wayeseyisoka ingane. Wathi, “Mose, ukakhulu—unake kakhulu mayelana nayo yonke enye into nangohambo lwakho, ukuthi umfana wakho uqobo akakasokwa.”



Ngiyamangala nje izikhathi ezininginingi uma... Ngezinye izikhathi ngihlangane nabantu abathi, "O, udumo kuNkulunkulu. INkosi ifuna ngenze into *ethize*. Ifuna ngiye e-Afrika, eNdiya."

<sup>86</sup> Ngathi, "Sewake wambuza umsenzi ukuthi usindisiwe na? Sewake wambuza umfana othengisa iphepha ukuthi usezelwe yini ngokusha nokho na? Uthini ngomakhelwane wakho, basindisiwe na?" Niyabo? Manje, ngumbuzo lowo. Niyabo? Uma kusenhliziyweni yakho. . .

<sup>87</sup> Lapha esikhathini esithize esedlule owesifazane wadibana nami ezansi lapha eFlorida. Nowesifazane omncane, anginandlela. . . Angisuye umahluleli. Kodwa kukhona umshumayeli omncane owayekade ekhona lapha futhi washumayela kulomsamo. Nomfo omncane kwelinye izwe wayeganiwe futhi wayenenkosikazi, abantwana abathathu noma abane. Nalona wesifazane wayengumfelokazi. Futhi babevele eTexas, ukuba baqoqane ngapha emotweni enkulu iCadillac. Nowesifazane uyangena. Futhi unelungelo lokugqoka noma ngayiphi indlela afuna ngayo, akwenzanga lutho kimi; kodwa njengowesifazane ongumKristu akagqokanga njengakho nje. Waye (o, he!), waye. . . wayenemide emikhulukazi. . . leyomiyeko efika ezindlebeni (noma ngabe nikubiza ngokuthini) ilenga kanjena, futhi wayenenqwaba ngempela ye—yento emlonyeni wakhe; na—na—namashiya akhe ayesikiwe futhi wayenamanye amashiya, ngepensela, efakelwe. Wayesethi, "Mfowethu Branham," wathi, "iNkosi ingibizela kwelinye izwe."

Ngathi, "Iyakubiza?"

"Yebo!" Wayesethi, "Ngiwela nalendoda."

Ngase ngithi, "Awu, uma iNkosi ikubiza, awu, kulungile." (Kodwa ngesithelo sabo. . . Kwakungabukeki kahle kakhulu kimi njenge. . . Niyabo?)

Wayesethi, "Awuyikholwa iNkosi. . .?"

<sup>88</sup> Ngathi, "Manje, ungangibuzi. Uma iNkosi ikubizile, yenza lokho iNkosi ekutshela ukuthi ukwenze. Kodwa ngesingami, angicabangi kanjalo, ngesingami uqobo. Ngizobaqotho nje kuwe."

Wathi, "Awu, yini ucabange kanjalo na?"

Ngathi, "Into yokuqala, njengawe njengowesifazane oganile nalendoda eganiwe akubukeki kukuhle kakhulu, nina nihlala ezansi lapha edolobheni ndawonye. Uma noma yini eletha ihlazo yileyo. Uyabo?" Ngase ngithi, "Manje, into yokuqala. . ."

<sup>89</sup> Manje, kwakwenzekeni kulowo wesifazane na? Into efanayo ibiyoba. . . Wayekade elokhu eqhubeke nokuhamb'exova ngaphandle kokwemukela uMoya oNgcwele, njengalowo wesifazane nje ngaleya namhlanje ongishayeke ucingo futhi

ubefuna ukugana leyondoda, futhi ashiye umyeni wakhe uqobo, futhi agane indoda. Wayesefike endaweni enjalo, mhlawumbe ngesinye isikhathi exhumene noNkulunkulu, kodwa wayekade ekhanukela izinto zezwe. Futhi ngambuza; ngathi, “Umamukele uMoya oNgcwele na?”

Wathi, “Cha okwamanje, kodwa ngiyaMfuna.”

<sup>90</sup> Ngathi, “Thola uMoya oNgcwele kuqala, futhi Uzokutshela ukuthi yimuphi umyeni ofanele ube naye.” Kunjalo. Niyabo?

U—uthole... Kuyilokho-ke. Uma ungakwenzi, uzofa ngokomoya. UNkulunkulu ufuna okuninginingi kulobubusuku, ukuthi Ungqongqothe [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] enhliziyweni yabo izikhathi eziningi kakhulu. Futhi ngesinye salezizikhathi Uzowuvala umnyango, ne—nesihawu asisekho. Niyabo?

<sup>91</sup> Impela, uNkulunkulu wayezoyithatha impilo yakhe. Wathi Wamfuna. Lalelani ukuthi umBhalo ufundeka kanjani:

*Kwathi endleleni endlini yezihambi, iNKOSI yahlangana naye, yafuna ukumbulala. (UMose. Manje, bhekisisani.)*

*UZipora wayesethatha idwala elibukhali—itshe elibukhali, wanquma ijwabu lendodana yakhe, waliphonsa ngasezinyaweni zakhe, wathi, Impela ungumyeni wegazi kimi.*

<sup>92</sup> Kunjalo. Manje, uNkulunkulu wayengafuni yona indodana. UNkulunkulu... Leyonganyana bandla yayingazi ukuthi yenzenjani; imsulwa. Kodwa okwakuyinto, kwakungubaba wengane, owayethatha ingane eyehlisela lapho ukukhulula abantwana bakwa-Israyeli phansi kwesibonakaliso sokusokwa; futhi nokho indodana yakhe uqobo ingasokiwe ngisho. Niyabo? NoZipora walinquma ngedwala, ijwabu, wayeseliphonsa phansi, wayesethi, “Ungumyeni wegazi kimi.”

### **17. Ngicela uchaze izincazelo zomBhalo, nokuthi uyofezeka nini: u-Isaya 4 ne 1. Ngiyabonga.**

Kulungile. Sizophenya ngale manje... Nina bantu eninamaBhayibheli enu futhi ofunayo, sizobona ukuthi yini... Angilitholanga ithuba lokubheka lokhu, kodwa ngicabange ukuthi mhlawumbe sizothola uhlobo oluthize lwempendulo. Silapha.

*Nga... (O, ya!) Futhi kuyofika... Ngalolosuku abesifazane bayakubamba indoda ibenye, futhi bayakuthi, Siyakudla isinkwa sethu, sizombatha izingubo zethu: masibizwe kuphela ngegama lakho, ususe ihlazo lethu.*

<sup>93</sup> Awu, mfowethu, sekuthi akusondele impela kulobo bubi manje. Ukuwa kanje pho okwenzeke ezweni lakithi! Mangisho lokhu, bangane bami abathandekayo abangamaKristu.

Mangisho lokhu ngenhlonipho yokumesaba uNkulunkulu kuwo wonke umuntu: Uma kwake kwabakhona. . . Nani bantu lapha enitadishe umlando, sisemgwaqeni ofanayo ngqo sonke isizwe esihle eminyakeni siwele khona, ukukhohlakala, kubuyela emuva ngqo.

<sup>94</sup> Njengoba ngisho lokhu kulokhu ukusa. . . Ngiyaxolisa ngokukuphinda. Kwamanye amazwe indoda ifika kimi futhi ithi, “Mfowethu Branham, hlobo luni lwabesifazane nonke eninalo lapho na? Awu, onke amaculo eniwaculayo, amanye amaculo amadala angcolile aphaathelene nabesifazane.” Yilokho-ke. Lonke uhlobo. . . esinye isibumbatha se—se—se. . .

<sup>95</sup> Awu, niyazi ukuthi kuyini na? Uma nifuna nginitshela ngamazwi ambalwa, ngizonitshela impela. Izwe selingene kuloluhlobo lwesimo, ngoba liyiSodoma neGomora lesimodeni. Impela! ECalifornia ngacosha iphepha. Futhi ngiyakhohlwa ukuthi ingaki inkulungwane minyaka yonke abathola ngayo, ukwazi, ngokwanda kongqingili. Ngisho nesifiso sabo sokwemvelo sa. . . phakathi kwendoda nomfazi, kanjalonjalo, sesiyasuka kubantu. Khona impela uNkulunkulu athi kuyofezeka. Nokwabo ngqo. . .

<sup>96</sup> Ucosha elinye. . . Bona ukuthi ubani othola uhlobo oluthize lokuthandwa ngabantu. Lalela umsakazo wakho, noma itelevishini, kumbe noma ngabe yini onayo, bese uyathola. Yikho impela okubi kakhulu nokungcola kakhulu. . . Kunelinye iculo eliphathelene nomunye wesifazane noma into efana naleyo, yileyo ethola udumo olubi.

<sup>97</sup> Futhi sekufike endaweni lapho okubonakala sengathi asibakhathaleli abesifazane bethu, noma, abesifazane bethu abazikhathaleli bona uqobo. Kuyilokho-ke. Uma owesifazane ubengazigcina kahle, owesilisa ubezofanele ahambe kahle. Nalokho akwesekeli yena owesilisa, kodwa ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Yebo, mnumzane! Kodwa kuyini na? Nje kuyi—isimo esibi kabi, futhi nje kukhona. Futhi kungokomBhalo. IBhayibheli lasho ukuthi kuyoba ngaleyondlela. Ngakho singaba kanjani nemvuselelo na? Singaba kanjani nemvuselelo na?

<sup>98</sup> Lalelani, bangani abangamaKristu. Emizuzwaneni embalwa esele ake nginibuze okuthize. SinoBilly Grahams. SinoJack Shulers. Sinazo zonke izinhlobo zeminyakazo yezenkolo ihamba ezweni lonke. Futhi kade ihamba iminyaka eyisithupha noma eyisikhombisa edlule kuyo yonke i-United States kakhulu nje ngakho konke ezingakunyakaza, futhi akukho-mvuselelo. Ngani na? Iminyango iyavala. Sikhukhule zonke izinhlanzi, njengoba ngishilo kulokhu ukusa, zaphuma echibini. Mhlawumbe iyodwa noma zimbili ezinamathele ndawondawo.

<sup>99</sup> Ngenkathi uBilly Graham wayenomhlangano (ngikholwa ukuthi kwakuseBoston noma ndawondawo), futhi babezisho ukuthi babenabaphendukileyo abevile emashumini amabili

ezinkulungwane emavikini ayisithupha. Babuyela emuva emavikini ambalwa kamuva futhi abawatholanga amashumi amabili. Kucabangeni! Mfowethu, sekuthi akuphele nje. Beningasho into ethize lapha. Niyabo?

<sup>100</sup> Siphila ezinsukwini uNkulunkulu akhuluma ukuthi ziyofika. Futhi siphila ezinsukwini zokugcina. Futhi siphila esikhathini lapho abesilisa . . . Kungakhathaleki ukuthi sizama ukucabangani ngakho, iZwi likaNkulunkulu lithi simiselwe ngaphambili. Kunjalo. Nalokho uNkulunkulu akubizile kuyoza kuNkulunkulu; nalokho uNkulunkulu angakubizi ngeke kuze kuNkulunkulu. UNkulunkulu uyabiza, futhi bayala, futhi Uyabiza, bayala. Manje, angisho ukuthi uNkulunkulu ulahla noma ubani. Akathandi nje ukuba bonke ba . . . ukuba babhubhe, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni. Kodwa ukuze abe nguNkulunkulu, Wa—Wayazi ekuqaleni ukuthi babengezukuza. Nokho Ubanika ithuba, kodwa abezanga.

<sup>101</sup> Kanjani . . . Uma engakwazi lokho, Wazi kanjani ukuthi sasizoba nezingqola ezingenamahashi na? WayeNgazazi kanjani lezizikhathi ukuthi zazizofika njengoba sinazo manje na? Washoloni ukuthi, “Umuntu uyoba ngonamawala, okhukhumeleyo, abathanda injabulo na?” Kungani bonke abaprofethi bebikezela ukuthi zonke ezinye izinto ziyofika zithi ngqi kusukela ekuqaleni na? UNkulunkulu wayazi izinto zonke. Uyazi ukuthi kuyoba yini. Futhi kunomuntu phakathi lapho uNkulunkulu ambuka phansi ngesikhathi wayesethi, “Bangeke beze.” Futhi nje balahlwa ngalokho kulahlwa, ngoba bazikhethela khona bona. Amen! Nakho lapho okhona.

<sup>102</sup> Futhi ngiyakholwa, mfowethu, dade (ngisho lokhu ngenhlonipho yokumesaba uNkulunkulu nangokumesaba uNkulunkulu enhliziyweni yami), ngikholwa ukuthi iMelika iyacwila! Ikhohlakele. Seyehlele phansi ekuqhotheni. Kuyadabukisa.

<sup>103</sup> Cabangani lapha nje, njengoba ngisho e—ekuphenduleni lomBhalo, abesifazane abayisikhombisa bedumela indoda eyodwa. EMpini yokuQala yoMhlaba . . . iMpi yesiBili yoMhlaba . . . Nginesi—siqephu esisikwe ephepheni sezindaba ekhaya esikhishwe kwiphephandaba. Zifundeleni nina. Kwathi, “Kwenzenjani ezimilweni zabesifazane bakithi baseMelika na? Amabili kuwo onke amasosha amathathu adivozwa ngomkawo ayeye phesheya kwezilwandle ezinyangeni eziyisithupha zokuqala.” Amabili kwamathathu adivozwa. Laba besifazane bavele basuka nje futhi baphuma babaleka. Kungani na? Uma nizoqonda, bangani, ngumoya wesikhathi.

<sup>104</sup> Sifanele singene emoyeni wezinsuku zokugcina ngenkathi izinsuku zokugcina zilapha. Uya ehholo lomdanso, ufanele ungene emoyeni wokudansa, kungenjalo ngeke badanse. Uya ebandleni, ufanele ungene eMoyeni wokukhonza ngaphambi

kokuba ukhonze. Izwe lifanele lingene emoyeni wezinsuku zokugcina ngaphambi kokuba izinsuku zokugcina zifike, futhi sisemoyeni wezinsuku zokugcina. Futhi uNkukunkulu uthembisile ukuthi lezizinto ziyoba lapha, futhi yilokho esinakho. Sisezinsukwini zokugcina. Nabesilisa nabesifazane bahlezi balele futhi abakuqondi.

<sup>105</sup> Nezimilo...Ngahlangana nomfana osemncane lapha ngeliny'ilanga ngale e...o, ngesinye isikhathi esedlule, lelikwindla eledlule. Futhi sasizongena edolobheni. Futhi wayengitshela, umfana osemncane wasesikoleni esiphakeme owayeganiwe. Wathi, "Ngashada lentombazane, ngoba yayiyintombazane elungileyo, futhi ngadingeka ngiyishade ngaphambi kokuba iqede esikoleni esiphakeme." Wathi, "Sasingakaze sibeneyodwa ebe yintombi, ngokwazi kwami, esikoleni esiphakeme iminyaka ngakhona lapha." Niyabo? Nje kukhohlakele.

<sup>106</sup> Futhi ezansi eCalifornia, ngahamba ngidabula imigwaqo ezindaweni lapho khona amaphoyisa ayekutshela ukuba udede emgwaqeni. Kunengozi eningi kowesilisa ukuba adlule emgwaqeni kunoma bekungaba owesifazane. Izindlela ezimnyama eziqamula phakathi kwezakhiwo. O, Nkulunkulu, yiba nesihawu! Anazi yini ukuthi iBhayibheli lathi lezozinto ziyofika na?

<sup>107</sup> Futhi ngaphambi nje kokuba Anikeze isithunzi sakho eSodoma naseGomora, futhi wehlela lapho, into efanayo yetooken ndawo—yenzeka, njalo. NoNkulunkulu wehlisa umlilo futhi wayishisa nya indawo. Sona impela isigxobo sophawu ukukhombisa ukuthi izwe lonke, uma sekufika kuleyondawo, liyokwemukela [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] into.

<sup>108</sup> Sisezinsukwini zokugcina. Impela. Abesifazane abayisikhombisa babambe indoda ibenye, bethi, "Sizodla isinkwa esingesethu futhi sembathe izingubo ezingezethu, kuphela masibizwe ngegama lakho ukuba ususe ihlazo lethu." Mfowethu, awudingi ukusuka e-United States. Yinye kuphela indawo esengake ngayibona empilweni yami engacabanga ukuthi yayiyinoma yibuphi ububi obedlula imigwaqo nezinto engike ngaba kuzo esizweni sakithi uqobo. Futhi asitholi-bungcono. Silokhu siya njalonjalo sithola ukuba kubi kakhulu nokuba kubi kakhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi khumbulani, ngikhuluma eGameni leNkosi. Siyoqhubeka sikhula ngokuba babi kakhulu. Linye kuphela ithemba kukho konke, nalelo likuKristu Jesu. Akunandaba ukuthi wenzani.

<sup>109</sup> Ngimemeze kakhulu, ngadabula esizweni lapha. Futhi uNkulunkulu uvuse ngisho nabafileyo. Futhi siye emadolobheni; nabantu bayasukuma akade besezihlalweni ezinamasondo iminyaka, futhi bahamba bedabula idolobha emva kwamatrakhi, beqhuba amakalishi abo nezinto

ezinjalo. Nabesifazane, odokotela sebememezele ukuthi bafile, bephethe ix-reyi negama likadokotela phezu kwayo, wavuswa kwabafileyo. Nedolobha lonke lahlala laqethuka bese lithi, “Hhe, ukufunda umcabango ngengqondo; isigejane sabagingqiki abangcwele.” O, akukho okunye ongakulindela ngaphandle kokulahlwa! O! Kunjalo!

<sup>110</sup> UkwaHlulelwa kulapha, futhi uzofanele ukwemukele. Mfowethu, balekela ulaka oluzayo futhi uye kuKristu Jesu usheshe ngamakhulu amandla akho! Phuma kulezizinto! Yebo, ngumoya wezinsuku zokugcina. Ziningi izinto ebezingashiwo. Ngizosheshisa.

**18. Ungasiza usitshela ukuthi iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu isilindele ukuba singene kanjani endlini yeNkosi yethu ukuzokhonza na?**

<sup>111</sup> Kulungile, lowo ngomuhle. Lowo ngofaneleyo impela kunoma yiliphi ibandla. UNkulunkulu unibheke ukuba nize endlini yebandla. . . Manje, lowo ngumbuzo nje, umbuzo ophume kahle nje. Awusiwo owangokomBhalo; yi. . . nokho yiwo. Ake nime, ngizonitshela ukuthi Wathini. Indawo yokuqala, uma nifuna umBhalo, abantu bafanele ukuza endlini kaNkulunkulu ngenhloso eyodwa, leyo ngeyokukhonza, ukucula amaculo, nokukhonza uNkulunkulu. Yile yondlela uNkulunkulu asibheke ngayo. Akasibhekile ukuba sizongena endlini kaNkulunkulu ukuba sikhulume ngokwethu. . . noma enye into ethize, noma sikhulume ngomunye nomunye, noma sikhulume ngalokho esizokwenza ngeviki; Usibheke ukuba size ukuba siMkhonze. Yindlu yokukhonzela. “Futhi yonke into ifanele yenziwe ngokuhloniphekile nangokuhlekile,” kwasho uPawulu eBhayibhelini. Yonke into ifanele ibe kahle. Kufanele kubekhona umlayezo.

<sup>112</sup> Into yokuqala engingayisho, ngokwemigomo yeBandla eTestamenteni eLidala, noma, iTestamente eLisha njalo, endaweni yokuqala, abantu babengena ebandleni likaNkulunkulu beseMoyeni wokukhonza. Futhi babehamba bangene, kwakuhlatshelelwa amahubo. Futhi mhlawumbe umshumayeli akhulume, ngokuba wayengumprofethi webandla. (Umprofethi weTestamente eLisha ngumshumayeli; siyakwazi lokho: “Ubufakazi bukaJesu Kristu bunguMoya wesiprofetho,” kwasho iSambulo.)

<sup>113</sup> Manje, umshumayeli uqala ukushumayela. Ngenkathi esashumayela, izibusiso, khona impela e, mhlawumbe ukuphela kwentshumayelo yakhe, kuqala ukwehla; abantu bathi, “Amen,” baye kobusisa uNkulunkulu. Bese kuthi angayeka nje ukushumayela, kungahle kubekhona umlayezo ovelayo, mhlawumbe ekukhulumeni ngezilimi ezingaziwayo (kwabaseKorinte bokuQala 14:13, 14). Bese kuthi—bese kuthi uma kungekho-mhumushi ebandleni, lomuntu ufanele bathule,

ngoba bakhuluma ngezilimi ngokuyikho, kodwa bakwenza phambi kukaNkulunkulu. Niyabo? Kodwa uma bekhuluma ngezilimi futhi kukhona umhumushi, umhumushi ufanele anikeze umlayezo. Onke amabandla eza kulokho.

<sup>114</sup> UCharles Fuller, njengoba impela wayeqophisana futhi waqhubeka ngami ngalokho ngenkathi ngiphandle lapho, uyakuvuma manje. Futhi bayakwenza kuyo yonke iLong Beach. Yebo, mnumzane! Khona ngqo ogwini, khona ehholo elikhulu, sinezibusiso zikaNkulunkulu, kukhulunywa ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, nokukhulekela abagulayo. Futhi wama wabhekana ubuso nobuso nami wayesethi, “Mfowethu Branham, angikholelwa kuleyonto.”

Ngathi, “Awu, kukuwe. Akusikho okwabangakholwayo, Mfowethu Fuller, Kungokwalabo abakholwayo.” Futhi manje ushumayela into efanayo. Kuza esikhathini; kukhona elamanqamu.

<sup>115</sup> Manje manje-ke, uma kuhlelekile, uma lokhu kuyilokho obufinyelela kukho... Ngenkathi umshumayeli esakhuluma yonke into ifanele ithule ukuba ilalele umshumayeli. Ngokuba kukhona iZwi likaNkulunkulu eliphumayo, uma eshumayela phansi kogcobo. Manje-ke, yonke imimoya yabaprofethi ithobela umprofethi. Uma umelusi eya emsamo, abhekise leloBhayibheli phansi, ibandla lifanele lithule, lilalele i... ukufunda kwakhe umBhalo, lilalele lokho azokusho. Uma esho into ezwakala kahle kuwe, ungathi, “Amen, ayibusiswe iNkosi!” noma ngabe yini ofuna ukuyisho. *Amen* kusho ukuthi “makube njalo.” IBhayibheli lathi akwenziwe lokho.

<sup>116</sup> Manje-ke, emva kokuba umlayezo usuphelile... Bese kuthi uma umshumayeli enikeza indawo phakathi lapho lapho abantu bonke bejabula khona, uMoya phakathi kwabantu, mhlawumpe Angahle athumele omunye umlayezo. Uma Ethumela umlayezo, uyofikela kothile, bese-ke kuba ukuhunyushwa; ngeke kube yi, nje ukuphindaphindwa ukucashunwa komBhalo noma ukwenza into ethize. UNkulunkulu akathemelezi. Kodwa kuyoba ngumlayezo oqonde ngqo oya komunye umuntu ukuba enze into *ethize* noma into ezokwakha iBandla. Bese kuthi uma bethola lokho kwakheka kweBandla, wena uthi... .

<sup>117</sup> Njengokuthi isibonelo nje njengalokhu: Kusukuma omunye umuntu lapha bese ekhuluma ngezilimi; lona ahumushe bese ethi, “USHO KANJE UMOYA ONGCWELE: US***bani-bani*** akahambe abeke izandla phezu kwalomuntu ngapha, ngokuba USHO KANJE UMOYA ONGCWELE, kulobubusuku yisikhathi sokuphiliswa kwabo.” Kuyini na?

Bese kuthi yena lomuntu ofanayo wathi, “Bengihlezi lapho; inhliziyo yami ibivutha ngaleyongane.” Manje—manje basukumela ekuthobeleni uMoya, hamba ubeke izandla zakho phezu kwaleyongane, futhi isindile. Uma ingasindanga,

kukhona okungalungile. Niyabo, niyabo? Ngumlayezo oqonde ngqo.

<sup>118</sup> Khona-ke ongakholwayo ahlale lapho futhi uthi, “Awume kancane. Awusho, uNkulunkulu unalabo bantu!” Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na?

<sup>119</sup> Khona-ke uzothi, noma, “USHO KANJE UMOYA ONGCWELE: Makuthi wonke ongasecaleni laseningizimu yedolobha, ngakulelocala laseMgwaqeni uSpring kuqhubeke, aphume ezinsukwini ezimbili ezizayo, ngokuba kuza isiphepho esizokhukhula lonke lelocala ledolobha.” Khona-ke, into yokuqala niyazi, kunesiprofetho esiya kulolonke ibandla.

<sup>120</sup> Bese-ke omunye umuntu, ukwehlulela ngokomoya, asukume futhi athi, “Ngabe lokho bekungokweNkosi na?” Ngamunye. Uma abesilisa abakahle abathathu bezosukuma futhi bathi, okomoya kuyehlulela, kuthi, “Lokho bekungokweNkosi,” khona-ke ibandla liyakwemukela; futhi wonke umuntu ngakulolohlangothi lwedolobha uyathutha, asuke kulo okwalesosikhathi. Bese-ke uma kungafezeki kungcono nimhlole lowomuntu. Niyabo? Ninomunye umoya phakathi kwenu. Kodwa uma kufezeka, khona-ke nibusise uNkulunkulu futhi nimbonge uNkulunkulu ngokunivumela nibalekele ulaka obeluzi. Niyabo? Bhekisisani lezozinto. Lelo yiBandla elisenqubweni.

<sup>121</sup> Emibili noma emithathu imilayezo, ingabi phezu kwemithathu, iyophuma ngesikhathi esisodwa kanjalo. Noma ngabe yini ephumayo, niyabo, ifanele ibekwe ngokwenqubo. Indawo yokuqala...bese-ke, elinye ibandla, enye into esenqubweni...

<sup>122</sup> Angazi. Lona kungahle ukuba bekungowesifazane obuze lokhu. Ngivele nje...Into ethize ifika emqondweni wami, ngakho ngingavele ngiyisho nayo. Owesifazane, ngenkathi bezongena endlini yokukhonzela, kwakuhambisana neTestamente eLisha, kwakungukuhamba angene bese ehlala phansi nobuso obumbozwe ngeveyili nobuso obudabukile, futhi ahlale lapho yonke inkonzo. Lokho kuhambisana nomBhalo. Manje. Kodwa ngicabanga ukuthi owesifazane...Impela. Manje, angigxeki nina besifazane. Niyabo?

<sup>123</sup> Inenekazi eliselincane lifika kimi esikhashaneni esedlule. Hhayi...uMfowethu Junior wayelapho ekhona ngenkathi owesifazane efika, ukuthi wayenenye inkathazo. Omakhelwane bakhe bamhleka, ngoba wayengazigundi izinwele zakhe lapha esikhathini esingaside esedlule. Wayesehamba futhi wazigunda izinwele zakhe. Kwase kuthi-ke, omunye wesifazane ngaphesheya komfula wazingcolisa konke, wayesemtshela ukuthi wayezothatha, ngendlela yokomoya, abophe izinyawo zakhe ngesandla sakhe, noma, izinwele futhi wathola lona wesifazane esengene ekwesabeni nenzondo. Owesifazane



wacishe walahlekelwa yingqondo yakhe, abantwana ababili. Wayengazi ukuthi uzokwenzenjani. Wayehlezi kanjalo nje.

124 Wayeshayela enyuka phambi kwendlu ngeliny'ilinga. UMoya oNgcwele wehla, wase ukhuluma kuye, futhi wamtshela ukuthi wayezosinda, wathi, "Futhi USHO KANJE UMOYA . . ." Futhi wa—wahlala kanjalo—ke izinsuku ezimbalwa, kwase kuthi-ke wa . . . Ngihambile izolo, bengizombona owesifazane noMfowethu Junior noMfowethu Funk. Futhi bengiphakathi nohahafu wemayela. Ubemile, ekama izinwele zakhe asezoziyeka—yeka zikhule manje, wathi, "Omakhelwane mabahleke futhi benze noma yini abafuna ukuyenza."

125 Kwase kuthi-ke, uMoya oNgcwele awangivumela ngiye lapho. Futhi Wakhuluma kuye futhi wamtshela ukuthi ngangiseduze kwendawo futhi wayefuna ukuza. Futhi ebusuku bayizolo embonweni, ngibone owesifazane eza, futhi ngamtshela ukuthi yini eyayingalungile kuye; futhi uphilisiwe ekamelweni lami esikhashaneni esedlule. Niyabo? Kunjalo, Mfowethu Junior na? Kunjalo. Nje esikhashaneni esedlule. Niyabo? UNkulunkulu akangangivumela ukuba ngiye lapho ngoba into ibingakalungi. Niyabo? Wangehlisela ngqo endaweni wayesekuqinisa khona lapho, ukukhombisa ukuthi kwakungesuye umuntu, KwakunguNkulunkulu. Niyabo?

Manje. Wathi, "Mfowethu Branham, umyeni wami ufuna ngibe nezinwele ezinde."

126 Ngathi, "UNkulunkulu ufuna into efanayo." Kunjalo, ngokuba abesifazane kufanele babe nezinwele ezinde. Leso yisembozo sabo.

127 Ngiyazi thina manenekazi namhlanje, noma nina manenekazi, njalo, nifaka izigqoko. Nithi lesa yisembozo senu. Yiphutha lelo. IBhayibheli lathi isembozo sowesifazane yizinwele zakhe. Futhi uma egunda izinwele zakhe kuyinto engenasithunzi kuye ukuba akhuleke. Kunjalo na? Lowo ngumBhalo. Niyabo? Ngakho manje, abesifazane bafanele ukuyeka izinwele zibe zinde, kungakhathaleki ukuthi nifuna ukucabangani ngakho; yilokho okungu ISHO KANJE INKOSI. Ningangikhombisa nje noma yiyiphi indawo . . .

128 Wena uthi, "Awu, izinwele zami zinde. Niyabo, zize zayoshaya emahlombe ami." Lezo kwakuyizinwele ezimfishane. "UKristu . . ." Wena uthe, "UKristu wayenezinwele ezinde." Qhabo, Akazange. UKristu wayenezinwele ezifika emahlombe, basho njalo. Ba—bavele bazidonse bazijikisele ngapha bese bezinquma, izinwele ezifika emahlombe. Bukani igama lesiGrekhi kulokho phakathi lapho, futhi nizothola.

129 Zinwele zesifazane . . . Owesilisa akafanele abe nezinwele ezinde, ngoba ngezesifazane, zibe zinde zehle njalo kanje. Kodwa nje Wazigunda lapha emahlombe aKhe, lapho abazigunda

khona, ngasekhanda laKhe, nje aziphungule kanjalo. Lezo kwakuyizinwele ezimfishane.

<sup>130</sup> Ngakho, amanenekazi anezinwele ezifika emahlombe, kusalokhu kuyizinwele ezimfishane. Manje, angisho ukuthi lokho kuyonithumela esihogweni noma kuniyise eZulwini. Lokho akuhlangene nakho. Kodwa inqubo yeBandla ingukuba abesifazane babe nezinwele ezinde. Kunjalo; kunjalo. Nokungena ebandleni... Futhi—futhi kungesikho ukuzihlanganisa ezindabeni, izindaba zomphakathi, noma, hhayi i... ngiqonde izindaba zebhizinisi ebandleni. Futhi ufanele athobeke, futhi ahloniphe, nokunye kanjalo, ngoba kwakunguye, iBhayibheli lasho, owaletsa ukuwa kokuqala. Futhi kunjalo; kunjalo. Manje, ngokushesha impela. Ngethemba ukuthi lokho akulimazanga.

**19. Umbuzo: Kungani umbono kaNkulunkulu wafanele ufike phambi kwami ngenkathi ngase ngizothatha iSidlo ebandleni lakithi na? Ngale.** (Awu, yigama lenenekazi; yebo, yigama lenenekazi,) U... **Kungani umbono kaNkulunkulu wafanele ufike phambi kwami ngenkathi ngase ngizothatha iSidlo ebandleni lakithi na?**

<sup>131</sup> Awu, ngeke ngazi, dadewethu, ngaphandle uma kwakuyilokhu: Uma ubone uJesu Kristu ebonakala embonweni ebandleni lakini ngenkathi uthatha iSidlo, Wayekwazisa lokhu: ukuthi wawuthatha Yena ngesifanekiso. ISidlo singesokuba simele umzimba kaJesu Kristu; futhi wawuthatha Yena njengesifanekiso umfaka emzimbeni wakho. Ngakho phila uhlanzekile, futhi uphile umsulwa.

<sup>132</sup> Lalela. Uma uthatha iSidlo (uzokuzwa kufundwa emizuzwini embalwa nje) uma ungongafanele, unecala leGazi noMzimba kaJesu Kristu. Umuntu makathathe lowo mphakathi uhlale kahle phambi kukaNkulunkulu, othatha lesoSidlo, njalo, aphilile kahle phambi kukaNkulunkulu. Ungasithathi ngokungafanele. Lokho nje... .

<sup>133</sup> Bukani. IBhayibheli labikezela ngezinsuku zokugcina ukuthi onke amatafula kaNkulunkulu ayogcwala ubuhlanzo. Futhi akuyikubakho-muntu okwazi uku—ukuqonda. Kunjalo na? Bukani. Ngahamba esikhathini esingeside esedlule ngangena etabernakele elikhulu. Ngeke ngalibiza igama; nonke nilazi kahle kakhulu. Niyazi ukuthi babenani yesidlo na? Bathathe ulofu wesinkwa, isinkwa sokuphila, isinkwa esilula, base besisika izingcezu. Nesigejane sabadikoni, umshumayeli athi abayisikhombisa babo babeyizidakwa... . Kunjalo. Futhi bonke, sonke isigejane... Wawungababona lapho behamba yonke indlu bekhuluma kubantu. Futhi kwathi ibandla selikhishiwe, ekugcineni, phakathi kukaSonto sikole nebandla, cishe impela wonke umuntu, umelusi nabo bonke, baphuma base bebhema osikilidi ngaphandle, bese bebuya bangene base bethatha iSidlo

seNkosi. UNkulunkulu wathi angeke Akuyeke ungabi nacala ngalokho. “Nabangingi bayagula futhi babuthakathaka phakathi kwenu, nabangingi bafile.” Kunjalo.

<sup>134</sup> Wathi, “Onke amatafula kaNkulunkulu agcwele ubuhlanzo, futhi ubani eNgiyakumfundisa isifundiso na?” Wathi, “Ngokuba isilayezelo masibe phezu kwesilayezelo, umudwa phezu komudwa, nalapha ingcosana nalapho ingcosana. Bambisisa lokho okuhle. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu, nalokhu kungukuphumula eNgathi kuyoba lapha, kodwa kukho konke lokhu bayonikina amakhanda abo basuke bahambe futhi bathi, ‘Asiyikukuzwa.’” Bukani ukuthi siphila kuphi, bangani. O, bakithi! Phaphamani!

<sup>135</sup> Yebo, umbono wakho, Dadewethu. . . Uma ungolungileyo, ohlanzekile, owesifazane ongcwele phambi kukaNkulunkulu, wawumi lapho noJesu wayekwazisa ukuthi Wayenikeza iSidlo, ukuthi wawuthatha Yena phakathi lapho njengesifanekiso; futhi uma ungenjalo, njengesixwayiso kuwe ukuba ulungisane noNkulunkulu ngaphambi kokuba ukwenze futhi.

**20. Ngithanda ukwazi ukuthi o—okulandelayo kuyini: UThimothewu wokuQala, ese 2. . . uThimothewu wesiBili isahluko 2 nevesi 16.**

<sup>136</sup> Umzuzwana nje. UThimothewu wesiBili. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Siyabuthana. Mhlawumbe ningeke nivumelane nalokho engikushilo. Kuyise ekhaya. . . Manje-ke, nizoya ekhaya futhi nitadisha kakhulu ngempela, futhi-ke lokho kuzonisiza ukuba nithole ukuba semoyeni. Kulungile, uThimothewu wesiBili 2 nevesi 16 ufundeka kanje:

*Kepha ukukhuluma kwezwe okuyize ukugweme:  
ngokuba bayakuqhubekela ekungamesabini  
uNkulunkulu.*

Yebo. Kulungile, nifuna ukwazi ukuthi kuyini “ukukhuluma kwezwe.” “Kwezwe. . . ugweme ukukhuluma kwezwe, ngokuba bayakuqhubekela.”

<sup>137</sup> Manje, into yokuqala nguku “khuluma kwezwe, ngokuba bayakuqhubekela.” Manje, noma yini nje endala. . . ilokhu ikhuluma. IBhayibheli lathi, uJesu wathi, “U ‘yebo’ wenu makabe ngu ‘yebo’ no ‘qhabo’ wenu abe ngu ‘qhabo,’ ngokuba noma yini edlula lokhu iyofika esonweni.” Anifanele ngisho nokuncokola nokuhlekisana nokugeonana. UNkulunkulu uyonenza nizilande ngawo onke amazwi ayize eniwakhulumayo. Niyakwazi lokho na? IBhayibheli lasho ukuthi niyodingeka nizilande ngawo onke amazwi ayize. Ngakho hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo na? Abantu abakhuluma obala, abaqine nqi, abathandayo, abanomusa, futhi kungabisiso neze isigejane sombhedo, njalo behambisana. . .

<sup>138</sup> Bukani. Thatha umfo ozoqala namhlanje. . .Ngike ngakuqaphela kimi uqobo, futhi ngokuba ngokwemvelo yami uqobo, umIrishi; njalo ngingenqwaba yomoya ngami empeleni, ukugcona nokuqhubeka. Futhi njalo—njalo kaningi kakhulu ngisho nomkami uthi, “Manje, Bill. . .!”

Ngithi, “Kunjalo, S’thandwa.” Uzothi, ngiqhukuluza abantwana. . .ngithi. . .Ngigconane nabo noma okuthize, ngithi, “Awu manje, niyazi, kwakukhona amadoda adumile amathathu aphuma eKentucky.”

“Kwakungubani lowo na?”

“Awu, u-Abraham Lincoln.”

“Ya.”

“UDaniel Boone.”

“Ehhe.”

“Noyihlo.” Into efana naleyo.

<sup>139</sup> Futhi uzothi, “Manje, Bill, uya lapho-ke futhi.” Futhi ngidingeke ukuba ngigudlukele ngasese ndawondawo, bese ngithi, “Nkosi, ngithethelele, bengingaqondile ukukusho. Yenza okuthize kimi; ngenze ngikuyeke lokho.” Niyabo?

<sup>140</sup> Futhi nsuku zonke ngi. . .uma ngenza lokho. . .Manje, besixoxa ngegama elithi *ukuhlubuka* kulokhu ukusa. Uma wenza lokho uyahlubuka. Yebo, mnumzane! Ufanele uphenduke. Kunjalo na? Manje, angisho khona ukuthi uphumele ezweni wase wenza *lokhu nalokho*, kodwa wenze into ethize. Ufanele uphenduke futhi ufe nsuku zonke ukuba uphile kuJesu Kristu. Ngakho lonke, usuku nosuku, nsuku zonke, ufanele ukuba ufe nsuku zonke ukuba uphile kuKristu Jesu.

<sup>141</sup> Uma ngenza into ethize. . .Izikhathi eziningi ngenza izinto engafanele. Ngiyophuma, nomunye uyosho into ethize noma enye, ngingahle ngisho ihlaya elincane ngakho. Omunye athi. . . Hhayi elibi; manje, angikholwa ukuthi amaKristu lisho ihlaya elingcolile. Qhabo, mnumzane! Qhabo, mnumzane! Lokho akusikho ngisho nokuba ngamaKristu, iHhayibheli lasho. Lathi wale izinto zezwe ezindala, namahlaya, nokuncokola okuchukuluzayo, nezinto ezinjalo. Qhabo, amaKristu awazisho lezozinto; amaKristu anemicabango emsulwa.

<sup>142</sup> Kodwa uma ningabhekisisi, kanye ngasikhathi niyoba nomuntu. . .Uyosho ihlaya elincane namhlanje. Futhi awu, ubecabanga nje ukuthi belikahle, futhi uyoledlulisa nje, futhi angabe esacabanga lutho ngalo. Ngosuku olulandelayo usho amahlaya amancane amabili. Niyabo? Nento elandelayo niyazi, wenza enye into. Nento yokuqala niyazi, kuholela emuva ngqo kuleyonqubo efanayo endala futhi. Kunjalo na? Dedani entweni. Igwemeni! Futhi nigweme lokho kukhuluma kwezwe.

143 Wezwa omunye umuntu eza nganeno...Ngizoninika isibonelo esincane nje. “Nkk. Doe, uyazi ukuthini? Ngibone umyeni wakho. Futhi ngiyakutshela ukuthini. Futhi uyidikoni.” Niyabo? Futhi. . .

Manje, into nje, uthi, “Angifuni ukukuzwa!” Kunjalo, bese usuka uhamba. Ngeke kuthathe okuningi kwalokho, futhi bayokunqamula. Kunjalo.

144 “O, uyazi ukuthini, Dadewethu? Ngizokutshela ukuthi kwenzekani kuMfowethu.” Hhayi udadewethu kuphela, kodwa umfowethu futhi. Niyabo?

“Mfowethu, ngizokutshela ukuthi kwenzekani. Uyazi uma besingavele nje simxoshe lomshumayeli, uma besingenza *lokhu*, noma sixoshe lomdikoni, noma uma besingenza *lokhu*.” O, o! Nje—nje igwemeni leyonto.

145 Ngicabanga into enhle encane ebenifanele niyibeke izungeze ideski lenu, yinto encane engiyibone ezansi eFlorida esikhathini esingeside esedlule. Kwakuyizinkawu ezincane ezintathu; nenyeye yazo yayibeke izandla zayo phezu kwamehlo, yayisithi, “Ungabuki okubi”; nenyeye yayibeke iminwe yayo ezindlebeni zayo, yathi, “Ungezwa okubi”; nenyeye yayibeke isandla sayo phezu komlomo wayo, yathi, “Ungakhulumi okubi.” Ngicabanga ukuthi leyo yinto enhle anicabangi na? Yebo, mnumzane! O, he! Leyo yinto enhle kakhulu.

146 Geina umqondo wakho umsulwa futhi ukuKristu. Ungeke nje uthi, “Awu, manje. . .” Manje niyabo, uma ningabhekisisi, uzozithola usuwelela endaweni, uma uqhubeka nokucabanga lokho. . . Futhi awu—futhi ungacabangi ukuthi. . . Ungeke uphile ngokuphelele kakhulu uze ungalenzi lelophutha manje. Manje, ungacabangi ukuthi uyoke uthole ngaleyondlela, ngoba ungeke. Qhabo, mnumzane! Awusuye ongenasono, futhi ngempela uyochezukela emkhondweni wazo, ngakulelicala nangakulelocala.

147 Kodwa umuntu oke washaywa walahlwa phansi, uma eyisosha langempela uyovuka futhi. “Nkosi, mangivuke ngibuye ngizame futhi.” Kodwa igwala, lithi nje lingabona ukuthi lenza iphutha lalo elincane, njengoba ngishilo nje kulokhu ukusa: isilokazane nolwembu lwasemanzini luyohuquzela lubuyele ngqo emanzini futhi. Niyabo? Nje ngeke lakumela.

148 Ngakho yala konke okudala—lokho kukhuluma kwezwe nokuqhubeka, ukukhuluma. *Ukukhuluma okungezwakali* kusho “ukudideka.” NeBhayibheli lathi, “Ubaphawule labo ababanga ukuxabana phakathi kwenu.”

149 Uma umuntu ethi, “Ehhe! Ehhe,” manje nje—nje uthi, “Wenza kanjani na? Ngiyajabula ukukubona futhi. Ngiyabonga.” Futhi nje yiba ulokhu uqhubeka. Leyo yinto enhle edlula konke. Ungabagwemi, kodwa nje baphawule. Ninganaki lutho, ngoba niyabona ukuthi kuholelaphi.

**21. Wayekuphi uJesu kusukela kokwaKhe . . . wayekuphi uJesu kusukela embhaphathizweni waKhe kuze kube yiminyaka emithathu yenkonzo yaKhe na?**

<sup>150</sup> Kulungile. UJesu, ngenkathi Esebhaphathiziwe, waphuma masinyane emanzini, noMoya waMholela ehlane izinsuku ezingamashumi amane nobusuku ukuba alingwe ngudeveli. Futhi Walingwa izinsuku ezingamashumi amane nobusuku. Futhi Wazila ukudla. Uyaphuma. Udeveli waMlinga ngenkathi Ephuma ekuzileni kwaKhe ukudla. Futhi Wamelana nodeveli ngeZwi likaNkulunkulu, wayesengena enkonzweni yaKhe, wayeseshumayela iminyaka emithathu nengxenye, ngokusho kwemiBhalo.

<sup>151</sup> Bukani. Emuva ngaleya kuDanyeli uNkulunkulu wakhuluma futhi wathi Uyoshumayela iminyaka emithathu nengxenye futhi anqunyelwe uMhlatshelo ngalesosikhathi. Khona impela nje. Ekusekelweni kwezwe Wamiselwa. Kunjalo.

<sup>152</sup> UMathewu isahluko 4, nizokuthola lokho. Ukuthi akuhambisani yini ncamashi nenkolelo yakho, kulungile.

Manje, lowo angu . . . Ake sibone ukuthi yini . . . O, yebo. “Baphi aba . . . ?” Sikutholile lokho esikhashaneni esedlule. “Baphi abafileyo na?”

**22. Ngesinye isikhathi—ngesinye isikhathi ngabe sonke sasimhlophe noma sasingamakhaladi na? Kubo bobabili, yimuphi okwabekwa isiqalekiso kubo na?**

<sup>153</sup> Manje, ngokwazi kwethu, bengingeke ngakutshela noma ngabe u-Adamu no-Eva babe—babemhlophe, noma bensundu, noma bephuzi, noma bemnyama. Ngeke ngakutshela. Akekho omunye owaziyo kodwa uNkulunkulu kuphela, ngiqagele; Wayekhona emuva lapho. Manje, e . . . Njengoba sonke sivela olwimini lunye nesizwe sinye kwaze kwaba ngumbhoshongo waseBabele, ukusanganisa. Kwasekuthi-ke izilwimi zabo zehluka. Futhi ngokwazi kwethu bonke babesizwe sinye kwaze kwaba yilesosikhathi. Futhi baqembuka base behlakazekela ezinxenyeni ezehlukene zezwe.

<sup>154</sup> Futhi abanye . . . Thatha isilwane; thatha noma yikuphi ukuphila okudla emhlabathini othize, kuyophenduka kube yilowombala. Uma kukhona umzingeli lapha, ngilandele nje imizuzu embalwa. Yehlela eMexico, bese uthola inkentshane ikoyote; uthatha phezulu lapha e-Arizona bese uthola inkentshane ikoyote; yenyukela eNyakatho bese uthola inkentshane ikoyote elifanayo, bese ubhekisisa imibala emithathu. Thola inunu iGila ekhulele eTexas, bese uthola eyodwa ekhulele e-Arizona, bese ubuka umehluko kuzo (niyabo?), ngoba ngumhlabathi ezihlala kuwo. Niyabo?

<sup>155</sup> Futhi manje, iShayina, iShayina lingu—ngumuntu ophuzi, umJapane, kanjalonjalo, neShayina. UmEtiyopiya uyi—

yikhaladi, noma iNigro esinawo manje. Futhi wehlela kulawomazwe amnyama ezansi lapho.

<sup>156</sup> Futhi ba—futhi—futhi babe... Bese kuthi-ke umlungu kwakungabantu baka-Anglo-Saxon esiyibo thina. Futhi, okwa—okwabantu lapha, esibabiza ngabantu abamhlophe, bavela eNgilandi ekuqaleni eyayibizwa nge “zwe leziNgelosi.” Futhi ngoba babemhlophe, futhi ozinwele zimhloshana, kanjalonjalo... Futhi bahlakazekela e-Ireland, naseNorway, kanjalonjalo, enhla phakathi lapho. Futhi bonke bavela kubantu baka-Anglo-Saxon.

<sup>157</sup> Manje, ubani owayengowokuqala futhi ngubani owaqalekiswayo na? Kwakungekho-namunye wabo. Ngiyazi ukuthi uzama ukufinyelela kukuphi. Uzama ukufinyelela kuHamu. Ngiyazi ukuthi uyaphi, kubantu bakaHamu.

<sup>158</sup> Manje, kwakukhona uHamu, uShemi, noJafete. Manje uHamu, a—a—akazamanga ukufihla ubunqunu bukayise, kodwa wamhleka futhi wahlekisa ngaye. Futhi uNkulunkulu wabeka isiqalekiso phezu kukaHamu ngokubuka ubunqunu bukayise nokungazami ukumboza ihlazo lakhe. Futhi uShemi noJafete bahlehla base bephonsa amabhantshi abo phezu kukayise ngenkathi elele enqunu. Futhi manje, uNkulunkulu watshela uHamu ukuthi isizukulwane sakhe siyokhonza abanye.

<sup>159</sup> Manje, uma ucabanga ukuthi leso kwakuyisiqalekiso, ukuphenduka ube nsundu, awu manje-ke, iJuda linsundu nalo. Uma ucabanga ukuthi lokho bekungaba yi—yi, lokho esikubiza ngekhaladi, noma, iNigro lalelizwe elilapha manje, uboke uwelele eNdiya. AmaNdiya ansundu ukwedlula kude kuneNigro. Ngike ngaba kuwo omabili amazwe. Nangu u—umEtiyopiya ezansi lapho wase-Etiyopiya, nomAfrika, ikhaladi esilaziyo namhlanje. Basezansi lapho, abaningi babo basalokhu bephila isidala sabo, ezizweni zabo. Kuthi nje akufane njengoba sasinjalo ngenkathi uJesu efika.

<sup>160</sup> Abantu abamhlophe babephila isidala impela nje njengoba e—enjalo owomdabu wase-Afrika manje, mhlampe sibabi ukwedlula bona. Khumbulani, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula sasiyindoda yesizwana esinqunu phandle lapho sino—sinomnsalo nomcibisholo nembazo yetshe, sizingela (kunjalo impela), thina bantu baka-Anglo-Saxon. Kunjalo impela. Ngakho yimuphi okwakunguyena yena na?

<sup>161</sup> Ngizonitshela oyedwa namhlanje oqalekisiwe yilowo owala uJesu Kristu. Yilokho kuphela. Lowo omukela uJesu Kristu ubusisiwe.

<sup>162</sup> Manje, ungeke uthi... ngizokwenyuka, ngithole umEskimo, ophuma kulelozwe enhla ngaleya. Futhi nango enhla lapho; nalowomuntu unsundu kakhulu kunabantu abangamakhaladi esinawo lapha. Ngizowelela eNdiya futhi ngithole amaNdiya; futhi liyi—alisilo ikhaladi, limnyama ngempela. Limnyama

kakhulu kuno...nje umbala omnyama ngempela. Futhi liyilokho okubizwa...Futhi liyiNdiya. Awu manje, e-Afrika sithola abanye abantu abangama-Afrika aba...Abanye babo bampofu ngebala; abanye babo bacishe impela bafane nomhlophe; nabanye babo ba—bayizindlela ezehlukene.

<sup>163</sup> Yana kumaJuda; futhi uthi onke amaJuda a—ansundu ngebala. IJuda lingumuntu obrawuni, kodwa ngike ngawabona amaningi linekhanda elibomvu namehlo al'hlaza s'bhakabhaka, isikhumba esimhloshana. Niyabo?

<sup>164</sup> Ngakho yonke into iyilokhu: sonke siphuma emthini owodwa. Kunjalo. Futhi sonke saqalekiswa ngokuwa kwe-Edeni. Futhi sonke sisindisiwe ngokuvuka kukaJesu Kristu. Nakho-ke. Ngakho akukho-siqalekiso. Abaqalekisiwe yilabo ongakholwayo, kodwa ababusisiwe yilabo abakholwayo. Ngakho akukho-muntu, mngane, omnyama noma ikhaladi, noma umlungu noma umuntu ophuzi. Bese-ke, uma umuntu omnyama aqalekiswa ngokuba mnyama, khona-ke umuntu ophuzi uqalekisiwe uhhafu nje. Bese kuba-ke u—bese kuba-ke umuntu ophuzi, bese kuba-ke umuntu onsundu, ungokubili nje kokuthathu kwendlela eqalekisiwe. Niyabo? Bese kuthi-ke, umAfrika cishe uqalekisiwe ngokune kokuhlanu. Futhi ngiqagele iNdiya liqalekisiwe ngempela-ke. O, he! Umbhedo onje pho! Qhabo! Ngubunjalozwe obehlukene nezinto abantu ababephila kuzo. Baphenduka, bathi ukusuka ekubeni yizizwana kanjalonjalo, babehlukile.

<sup>165</sup> Bukani amaNdiya aseMelika. Amaningi alawo...INavajo phandle lapho yizizwe sabantu esinsundu kakhulu kunabantu abangama-Etiyopiya angamakhaladi kulelizwe, iNavajo. Ama-Apache a...Athi ukuba no—nombala wekhopha. Nezizwana ezehlukene...Niyabo? Ngakho khona lapho phakathi kwamaNdiya, khona lapha, uthola elimnyama, futhi cishe impela...NeCherokee cishe impela liphaphathekile nje njengoba sinjalo, iCherokee. Futhi kukhona lapha kulesisizwe, izizwana ezehlukene. Ngakho niyabo, ungeke wathi baqalekisiwe uhhafu futhi baqalekisiwe yonke indlela. Abaqalekisiwanga ngoba bemnyama. Abaqalekisiwanga ngoba babephuzi noma ngoba babemhlophe. Sinye kuphela isiqalekiso engaziyo ngaso, naleso ngukungakholwa ngoJesu Kristu. (Ngiyazi, Donny, sekuyisikhathi kimi ukuba ngivale, kodwa ngineminye emibili imibuzo.)

23. Kulungile manje. **Ziphi izizwana ezihlakazekileyo eziyishumi zakwa-Israyeli (uGenesisi 44:49), izizwana sikaJosefa kuyakweziningi izizwe na? USimeyoni, uLevi, ababengenalo izwe lendabuko elingelabo uqobo, kodwa bahlakazekele phakathi kwezinye izizwana eziyishumi... Ziphi izizwana eziyishumi na? Singazibeka endaweni ethize na?**



<sup>166</sup> Yebo, mnumzane! Zingabekwa endaweni ethize. Ngokomumo womhlaba zingabekwa endaweni ethize eBhayibhelini. NoNkulunkulu usitshela lapho lapho eziyobekwa khona ngezinsuku zokugcina nokuthi kuyoba yini ukuphela kwazo. Futhi khona manje, ngisanda kufunda ibhuku, ukuthi ezansi kwa-Israyeli lapho labo ayekhona, lapho athi lo owayecwilise khona izinyawo zakhe emafutheni nayo yonke into. UNkulunkulu unazo zibekwe endaweni ethize zonke, zihlulelwe ezindaweni ezehlukene. NamaJuda onke abuyela ePalastine, lapho uNkulunkulu ethembisa khona ezinsukwini zokugcina ukuthi ayoba lapho.

24. Omunye futhi umbuzo: **Kunga...ngingekholwe ukuthi uNkulunkulu wathumela izimpi njengesigwebo. Ngingekholwe ukuthi uNkulunkulu uthumela izimpi njengesigwebo.** (Lalelani umzuzwana nje.) **Angikholwa, njengoba abanye bekholwa, ukuthi uNkulunkulu wabeka inkemba ezandleni zalaba ababulala ngonya kusukela eBabiloni lasendulo kuya kuHitler, ukubulala ngokuceka abesifazane abangenacala nabantwana phakathi...kuhambisana nabanecala, ukufeza isigwebo sikaNkulunkulu. Kwangathi uNkulunkulu...uNkulunkulu wami woithando wayengeke enze...uNkulunkulu wami woithando** (Ngiyaxolisa!), **enze lokhu. Izimpi ziyimisebenzi kaSathane. Siza uqinisekise ngalokhu ukudideka.**

<sup>167</sup> Manje, umzuzwana nje. Ngiwufundile lona esikhashaneni nje esedlule, isizathu sokuba ngiwubeke lona ngaphansi. Manje, ngifuna nje ke nithule umzuzu. Manje, ake—ake sithole lona uqonde ngempela, ngoba lona ngumbuzo ngempela. Futhi ufanele uqhanyukelwe ngokuhlonipha. Masinya emva kwalokho, uma ningasibekezelela nje isikhashanyana esidana... .

<sup>168</sup> Ngiyazi isikhathi siyabaleka, kodwa ku...Khumbulani, nithini ngakho na? Manje, nanivamise ukuhamba nidanse ubusuku bonke futhi ningacabangi lutho ngakho (niyabo?), uqale ukuya ezintweni zezwe, kodwa uma sekufika eZwini likaNkulunkulu emizuzwini engaphezu kwamashumi amabili, mfowethu, sifanele sithole umshumayeli omusha. Niyabo? Kungamahloni. UPawulu washumayela ubusuku bonke. Ngashumayela khona lapha iminyaka eyadlulayo ngelesibili nelesithathu nqo ekuseni. Nabantu behamba behla benyuka kulendawo lapha nje bedumisa uNkulunkulu ngelesibili noma elesithathu nqo ekuseni. Wawungabona abanangi njengedazini ngesikhathi bemukela uMoya oNgcwele ngelesibili nelesithathu nqo. Nkulunkulu sihawukele. Bengifisa sengathi bengingakubona futhi. Kodwa asikwazi; usuku alusekho. Usuku alusekho manje; seluyoshona kakhulu manje. Ubusuku sebusondela eduzane nabantu ba...“Awu, asisakhathaleli nhlobo nje, ngakho...He, ngifisa sengathi ngabe bebezoyeka,

ukuze sizolungiselela ukungena.” Futhi lokho nje—nje kuthi akube ngendlela okuhamba ngayo.

<sup>169</sup> Ake nime, ngifuna ukukubuzisa okuthize manje. Manje, ngizophikisana nawe, mfowethu noma dadewethu, angazi. Ububekwe lapha kulokhu ukusa. Benginawo eBhayibhelini lami futhi bengiwubheka esikhashaneni esedlule. Manje, ngendlela yobungani... Futhi manje, angifuni ukuba ni—ni—niqhashele kimi. Ngifuna nilalelisise.

<sup>170</sup> Futhi thina... Khumbulani, bengingathanda kakhulu impela nje ukuvumelana nawe kulokhu—esinqumweni sakho kulokhu njengoba ngenza ngalowo wesifazane, owesifazane ndini esikhashaneni esedlule. Wathi... Yena nomyeni wakhe, bavele basuke babaleka base beshada; futhi kwakulapho. Kodwa uthatha isifungo sakhe; ufanele anamathelane naso. Niyabo? Futhi manje, ngifanele nginamathelane neZwi likaNkulunkulu.

**Kodwa manje, angikholwa... Kodwa kuqala, ngeke ngakholwa ukuthi uNkulunkulu uthumela izimpi njengesigwebo.**

<sup>171</sup> Awu manje, mngani, futhi yinye kuphela into eyiphutha ngenkolelo yakho, futhi ngukuthi, ayikho ngokomBhalo. UNkulunkulu uyayithumela impi njengesigwebo. Kunjalo. Ngi—ngizokunika umBhalo; angizokuwufunda nje usuka lapha beseke ngikutshela.

**Bukani. Angikholwa njengoba abanye bekhola ukuthi uNkulunkulu wabeka inkemba ezandleni zalaba ababulala ngonyaka kusukela kwiBabiloni lasendulo kuya kuHitler, ukubulala ngokuceka abesifazane abangenacala nabantwana.**

<sup>172</sup> Uma bengingakutshela eGameni likaJesu Kristu ukuthi Wakwenza, futhi ngizokufakazisa ngeBhayibheli, ubungakukholwa-ke (niyabo?), ukuthi Wakwenza? Kulungile. Futhi Uzokwenza futhi. Kulungile. Lalela lokhu.

<sup>173</sup> Angazi. Lona kungahle kube ngumngani wami wesifuba ehlezi lapha ngakho konke engikwaziyo; ngokuba uNkulunkulu oseZulwini uyazi angazi ngisho nesandla esilobile. Ngeke ngakutshela. Kodwa ngifuna nilalele lokhu. “UNkulunkulu wami unguNkulunkulu wothando, uNkulunkulu wami uluthando futhi wayengeke akwenze lokhu. Izimpi zingezikaSathane.” Ngizovumelana nawe ukuthi izimpi ngezikaSathane. Kunjalo impela. Uyinkosana yalelizwe. Yonke imibuso nazo zonke izizwe kulelizwe kungokukaSathane. UNkulunkulu wathi bakwenza eZwini laKhe. USathane wathi, “Ingeyami.” UJesu wavuma ukuthi yayingeyakhe. Kodwa Uzoyidla ifa yonke emva kwesikhashana, uJesu uzoyidla. Ngeke sisaba nazo izimpi ngaleyonkathi. Kodwa uNkulunkulu uvumela uSathane ukuba enze lokhu ukuqondisa nokwenzela ukwehlulela.

<sup>174</sup> Manje, ngifuna ukukubuza okuthize ngaphambi nje kokuba siqale. Ngifuna ungiphendulele lona futhi uthole. Uma ungakholwa ukuthi uNkulunkulu uyi... (Kusho wena)... ukuthi wayengeke azenze lezizinto. Ukukuqala nje kusukela khona ekuqaleni... Manje, nginakisise uma ungaphumelela. Lalela. Kungani uNkulunkulu uqobo lwaKhe ajezisa iNdodana yaKhe uQobo futhi waYibulala ngamabomu esiphambanweni na? UNkulunkulu wabulala iNdodana yaKhe uQobo esiphambanweni. “Nokho kwamthokozisa uNkulunkulu,” kwasho umBhalo, “ukuYishaya, nokuYishaya ngokuhlupha, nokuYilimaza.” UNkulunkulu wenza eyaKhe iNdodana uQobo ngaleyondlela ukuba asindise wena.

<sup>175</sup> Ngifuna ukubuza ngoSawulu, inkosi enkulu yakwa-Israyeli. UNkulunkulu wamtshela ukuba ehle nokuthi athathe iNkosi u-Ogi nakho konke ayenakho futhi ayibhubhise impela yonke into ezansi lapho, abesilisa, abesifazane, abantwana, nakho konke... Futhi uSawulu... ngisho nezinkomo ukuba ayibulale, angavumeli ukuba kusale lutho. NoSawulu wehlela lapho wayeseyeka ezinye zezinkomo. Futhi uNkulunkulu wawususa uMoya kuye futhi wamehlukanisa naYe; uba yisitha sikaNkulunkulu.

<sup>176</sup> Wamelani u-Elija lapho ngenkathi uNkulunkulu enikela iNkosi u-Ogi endala ezandleni zika-Ahabi na? Futhi watshela u-Ahabi ukuba abulale leyonkosi. Futhi u-Ahabi wala ukukwenza. Futhi u-Elija umprofethi wayenomgadi uku... Wathi, “Ngishaye ngenkamba yakho.” Waqonda ukuthi wayengumprofethi.

Wathi, “Ngingeke.” Futhi walahlekelwa ukuphila kwakhe. Wayesetshela omunye, wathi, “Ngishaye.” Nendoda yamshaya ngenkamba futhi yamsika. Wayesezisonga ngokuzifihla wayesema lapho. Futhi nakhu kuza u-Ahabi egibele enqoleni yakhe yempi.

Wathi, “Umi mayelana nani—nani lapha na?”

Wathi, “Awu, ngangingumgadi; nganikwa ukugada umuntu. Futhi wangishaya wayesebaleka,” Wathi, “ngase ngimdedela ehamba. Futhi bangitshela ukuthi uma ngikwenzile, ngizofanele ngikhokhe ngempilo yami uqobo.”

Wathi, “Awu, uyofanele ukhokhe ngempilo yakho uqobo.”

Waziqaqa wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI, ngoba awuyibulalanga ngamabomu leyankosi ezansi lapho, uyokhokha ngakho ngawe uqobo.” Kunjalo na? Kunjalo impela.

<sup>177</sup> Ake nginifundele okuthize lapha. Kuthiwani ngeBabiloni, ngenkathi uJoshuwa... ngenkathi uNkulunkulu ethumela uJoshuwa ngale ngaphesheya kwalapho, futhi wazibhubhisa impela izingane ezincane, abantwana, nayo yonke enye into. Futhi uma aphilisa into eyodwa... Washanela yonke into. Izingane ezincane zamaFilisti, wavele wazibhubhisa

nje. UNkulunkulu wamyala. Futhi ukuba akakwenzanga, kwakungukuphila kwakhe uqobo.

<sup>178</sup> Ngizokulungisa emizuzwini embalwa. UNkulunkulu uluthando, uthando oluphelele; kodwa anazi ukuthi uthando luyini. Yingakho namhlanje abantu bengazi ukuthi ukukholwa kuyini. UNkulunkulu uluthando. Uzofanele abe sothandweni; Uyazibusa eZwini laKhe. Futhi Uzofanele aligcine iZwi laKhe. Uzofanele akuthande. Futhi uma Ekuthanda, Uzofanele akuvikele.

<sup>179</sup> Lalelani lapha. Wena ukhuluma ngokuwa kwabantwana. Umzuzu nje, ake nginikhombise okuthize lapha emiBhalweni, ukuthi—ukuthi iBhayibheli lithini ngalezizinto lapha. Asiwelele ngapha futhi nje silalele lokhu umzuzu nje futhi sibone ukuthi uNkulunkulu wathini. Manje, ngifunda kuHezekeli isahluko 9, uma nifuna ukukubhala phansi. Lalelisani:

*Futhi...Wamemeza ezindlebeni zami ngezwi elikhulu, futhi ethi, Mabasondele abaphindiseli bomuzi,.. kube-yilowo nalowo abe nesikhali zabo sokubulala esandleni sabo. (Manje, lona nguNkulunkulu okhulumayo.)*

*Futhi, bheka, kwafika amadoda ayisithupha evela endleleni yasesangweni lasenhla, angasenyakatho, yileyo naleyo inesikhali sokubulala esandleni sayo; enye phakathi kwawo yembethe ilineni limhlophe, nophondo lukayinki womlobi ngasokhalweni lwayo: angena, ama ngase...ngase-altare lethusi.*

*Inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayenyukile emakherubini, eyayiphezu kwalo, yaya embundwini wendlu. Wangibiza...indoda eyembethe ilineni elimhlophe, ne...yayino...uphondo lukayinki womlobi esandleni lwayo—noma ukhalo;*

*Futhi ngakho...Futhi iNKOSI...(Igama elikhulu N-K-O-S-I, okungukuthi nguNkulunkulu)... iNKOSI yathi kuyo, Dabula emzini, phakathi kweJerusalema,...ubeke uphawu ebunzini omuntu ababubula...bekhala ngazo...izingiso...zenziwa phakathi kwalo.*

*Nakulawa amanye ya...(INKOSI)...sho ezindlebeni zami yathi, Dabulani emzini emva kwayo, nishaye: futhi iso lenu lingahawukeli, ningabinabubele: (Bhekisisani, ivesi 6.)*

*Nichithe—Nibulale nichithe amaxhegu...abasha... zintombi,...zingane,...besifazane:... (uNkulunkulu washo njalo. UNkulunkulu washo njalo!)... ningasondele kodwa kumuntu okukuye uphawu; futhi uqala emandulo...engcwele—futhi aqale ngendoda amadala... ayephambi kwendlu.*

<sup>180</sup> Ngamany'amazwi, uNkulunkulu wathi kulabobantu, "Manje, lindani; Ngizobeka uphawu kubantu kuqala, labo abazehlukanisele uNkulunkulu..." Futhi Wababeka uphawu. Wathi, "Manje," kulawa amadoda ayenesikhali sokubulala, "dabulani futhi ningahawukeli abesifazane, abantwana, noma lutho, kodwa ukuba nibulale nichithe yonke into."

<sup>181</sup> Ezweni lasemandulo ngaphambi kukazamcolo embhujisweni, ngenkathi izigidi eziphindwe kazigidi nezigidigidikazi zabantu ababephezu komhlaba, noNkulunkulu wathumela umshumayeli omdala wobungewele ogama linguNowa, futhi washumayela iminyaka eyikhulu namashumi amabili, futhi wabatshelela ukuba beze bangene emkhunjini, futhi bonke labo abangangenanga kulowomkhumbi babezobhujiswa... Futhi uNkulunkulu uSomandla, owayenokulawula amazulu, wehlisa izimvula ezabhubhisa zachitha izigidi zabantu abadala, zabantu abasha, zezingane ezincane, beklinywa futhi bebhuhha emanzini amaningi.

<sup>182</sup> UNkulunkulu uSomandla, futhi UnguNkulunkulu wothando ngokuyikho impela. Futhi lelo yiqiniso. Ufanele. Uyabathanda abaKhe uQobo. Uzofanele azibuse eZwini laKhe. Ngakho kungesikho uku...kuphikisana, kodwa ngingavumelani nawe. UNkulunkulu wakho wothando...

<sup>183</sup> Lapha esikhathini esingeside esedule ngangikhuluma... Mhlampe nguFakazi kaJehova. Indoda iyakhuphuka yase ithi, "Mfowethu Branham, uqonde ukungitshela ukuthi kukhona isihogo esivuthayo na?"

Ngathi, "Akusikho ukuthi kushiwo yimi, kuyilokho okushiwo yiBhayibheli."

Yathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi uBaba waseZulwini othandayo ubengashisa aqothule abantwana baKhe na? Ngani," wathi, "ubungeke ushise umntanakho."

Ngathi, "Qhabo, mnumzane!"

"Awu manje-ke, uma wena njengomuntu unothando olungako (niyabo, ukuthi abantu bangayisonta kanjani into bayijikise na?), uma wena njengomuntu unothando olungako, ucabanga ukuthi uBaba waseZulwini othandayo ubengabhubhisa abantwana baKhe na?"

<sup>184</sup> Ngathi, "Neze!" Akababhubhisi abantwana baKhe, kodwa wena ungumntwana kabani na? UNkulunkulu akababhubhisi abantwana baKhe. Uzama ngawo onke amandla aKhe ukubafaka. Kodwa ngudeveli odedeliwe oyobhubhisa abantwana bakhe. Ngakho uNkulunkulu uvumela uSathane nje.

<sup>185</sup> Bukani. Kwakungubani lo owavumela ububi ukuba behle noSathane ukuba aphume futhi abhubhise inceku ephelele kunazo zonke kaNkulunkulu kuze kube nguJesu Kristu, abantwana bakhe nayo yonke into ayenayo, uJobe na?

NoNkulunkulu wathumela umoya omubi phandle lapho futhi wabhuhisa bonke babantwana bakaJobe nayo yonke into nje ukuvivinya inceku yaKhe. Kunjalo na? Impela.

<sup>186</sup> O, bengingama lapha ihora futhi nje ngikukhombisa bona, Mfowethu, Dadewethu. Kunjalo, noma ungahle ube ngubani. Ungawutholi loMoya kaNkulunkulu uxovekile. Izimpi ziyizigwebo zikaNkulunkulu phezu kwezizwe. Izimbubhiso zithunyelwa nguNkulunkulu. IBhayibheli lasho njalo. NoNkulunkulu unguNkulunkulu wothando, kodwa uNkulunkulu unguNkulunkulu wolaka futhi. Futhi awuzukuma phambi kothandayo... Leyo bekuyinto elimaza ibandla namhlanje.

<sup>187</sup> “Omunye uBaba othandayo, kusobala Ubengeke abenandaba uma ngenza lokhu.” Uma ufuna ukukwenza, ungavele uziqhubekela futhi ukwenze, ngoba uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe kwase kuqaleni nje.

<sup>188</sup> Silungiselela ukuthatha iSidlo emzuzwaneni nje, futhi ngifuna lokhu ukuba kuzike ngempela kini. Into yakho ingukuthi, okusenziliziyweni yakho kuyoveza, kwenza impilo yakho. Ukuthi hlobo luni lwembewu oyifaka emhlabathini iyoveza inhlobo yayo. Ungasithatha kanjani i—isithombo sommbila upepkona bese wenza ukhula i—ijimson ngaso na? Ubungeke ukwenze njengoba kanjalo ungeke wathatha uhlamvu lukakolo bese wenza ugudluthukela. Ubungeke wazenza, ngoba ziyizimvelo ezimbili ezehlukene, izimpilo ezimbili ezehlukene ngakho konke. I... U—ungahle uthathe uhlamvu lokhula ijimson nembewu ka anyanisi, futhi zibukeka zifana ngokuphelele kakhulu kuze kuthi yena impela umuntu ongcono kunabo bonke angeke azehlukane. Kunjalo. Into kuphela ofanele uyenze ngukuthi uzitshale. Zibukeka zifana ngokwemvelo, kodwa zitshale. Zombili ziyoveza; neyodwa kuyoba wukhula ijimson nenge iyoba ngu anyanisi. Kunjalo impela.

<sup>189</sup> Awusho, “Kungani, yini eyenza lembewu, ibukeke ifana impela nje *nalena*, izeve uhlobo olwehlukile lokuphila na?” Yingenxa yokuthi lolohlobo lokuphila lukuyo.

<sup>190</sup> Nowesilisa noma owesifazane ozisho ukuthi ungumKristu futhi engaluphili lolohlobo lokuphila, ngomusa kaNkulunkulu, wukhula ijimson. Niyakubazi ngezithelo zabo. Uma leyonto isenziliziyweni yakho, ifakaza lokho oyikho kwenye indawo. Uma kungububi, bufakazisa ukuthi uphansi lapha. Uma ufa, uyofanele uye lapho osukhona vele.

Uma ulungile futhi u—ulunge ngoba uNkulunkulu ukwenze walunga, futhi uzelwe ngokusha, ubophezelekile ukuba uhambe ngaleyondlela, ngoba lokho kuPhila kuyofanele kufakazelane nalendawo. Uma kufakazelana nalapha, yilapho oya khona. Uma kufakazelana naphezulu lapho, yilapho oya khona. Niyabo?

<sup>191</sup> Eniyikho lapha . . . Fakani lokhu emqondweni wenu manje. Ngizovala. Kodwa eniyikho lapha kuwuphawu lokuthi ningenye into ethize ndawo ndawo. Benihlala njalo nifuna ukuba sekupheleleni, nina maKristu. Kukhona ukuphelela, nalokho kuphelela akukho kulokhu ukuphila. Kodwa wonke owesilisa nowesifazane lapha ongumKristu, wonke umuntu ongumKristu lapha manje usevele ukhazimulisiwe eBukhoni bukaJesu Kristu. Futhi unomunye umzimba. Ungeke ube nawo ngesinye isikhathi, unawo khona manje. Khona manje kukhona omunye umzimba okulindlele uma lona ungamele ubhubhe. Ungake ucabange ngalokho. Kutadisheni lokho umzuzu nje.

<sup>192</sup> Niyazi ukuthi sonke singabe sesisephakadeni ngaphambi kokuphuma kwelanga ekuseni kusasa na? Manje, uma ungesuye umKristu, mngani wami, yinye kuphela into ekusalele. Ufanele uhambe ngaleyondlela. Uma ukulowomgwaqo, uzofanele uhambe ngalowomgwaqo. Uma uluhlambu lommbila, uyoveza ummbila. Uma uwugudluthukela, uveza ukuphila kukagudluthukela. Manje, uma ubukhona ebandleni ndawondawo elingazi futhi elingafundisi, futhi nje likuvumele uze ebandleni futhi ube yilunga lebandla . . . Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ibandla lakithi lifundisa ukuthi sifanele semukele uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nathi. Uma sikholwa eNkosini uJesu Kristu sisindisiwe.” Uma impilo yakho ingaqhathaniseki nalokho, awukakwenzi namanje.

<sup>193</sup> Niyazi yini ukuthi udeveli uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyindodana kaNkulunkulu na? Niyazi yini ukuthi uJesu obala, noma, niyazi yini ukuthi udeveli wavuma obala ukuthi uJesu uyindodana kaNkulunkulu na? Futhi akasindiswanga. Futhi wayengenakusindiswa; ungedeveli. Ngakho ukuvuma uJesu ukuthi uyindodana kaNkulunkulu . . .

<sup>194</sup> Niyazi yini ukuthi bonke labobaFarisi nabaSadusi, bonke babekhonza impela futhi bengabantu benkolo; ukuthi babemthanda kanjani uNkulunkulu ngezinhliziyo zabo, bacabanga; futhi behluleka ukubona Lowo ongenacala, indodana kaNkulunkulu, ukuYiqonda ukuthi iyiNdodana kaNkulunkulu. Kepha nokho, babengabekolo impela (kunjalo na?), bekhonza impela, bengabafundiswe kakhulu impela, belazi iBhayibheli kangcono kunoma yiziphi zezifundiswa zakithi ezinkulu namhlanje. Babengenakho abakwenzayo kodwa bahlale lapho ngezizukulwane zabo futhi bakhonze iNkosi.

<sup>195</sup> Manje, bukani ukuthi umBhalo uthini: “Ngezinsuku zokugcina . . .” Kinina, bangani abangamaKristu, nangothando lokumesaba uNkulunkulu, iBhayibheli lathi, “Ngezinsuku zokugcina abantu . . . kuyofika isikhathi lapho umuntu eyoba ngonamawala, okhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu.” Manje, akulona yini iqiniso lokho na?

<sup>196</sup> Umuntu othize kulendlu waya ephathini yoNyaka oMusha ngobunye ubusuku, nasekamelweni elingaphansi babeneziphuzo ezingadakisiyo nokokuzilibazisa nokuqhubeka, amasapa ka ayiskrimu, kanjalonjalo. Amabandla anikeza ngisho nemidanso. Nje khona impela uNkulunkulu abatshela ukuthi bangakwenzi, bakwenza eGameni likaKristu. Futhi nakhu uJesu akushoyo kweBandla ukuba likwenze, futhi bayakuphika. UJesu, nanka amazwi aKhe okugcina, intando yaKhe nesitatimende eBandleni: “Hambani niye ezweni lonke; nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwa uyakulahlwa. (Mhlawumbe lokho kugcina lapho okufundwe khona ngumelusi wakho. Kodwa nakhu okunye okuseleyo kwakho.) Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka noma bephuza izinto ezibulalayo, akuyikubalimaza; futhi uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

<sup>197</sup> Manje, yilokho uJesu akusho ngabo ukuba bakwenze eGameni laKhe. Bayaphika ukuthi lokho kukhona, kodwa bayahamba futhi benze khona nje okuphambene nalokho Akusho, bashumayele lokho osekwedlule, akukho lutho kukho, futhi bafundisa isayense yezenkolo esikhundleni. O, akumangalisi sisesimweni esikuso.

<sup>198</sup> Bukani lapha, ake ngikutshela, mfowethu. Ngenkathi iBandla liqala ukufika endaweni lize li, ukuthi ilunga ngalinye phakathi lapho ligcwaliswe kakhulu ngomfutho kaMoya oNgcwele namandla, ukuze lezozibonakaliso zilandele.

<sup>199</sup> Ngicabanga ngoPawulu oNgcwele phandle lapho esiqhingini emva kokuphihlizeka komkhumbi. UNkulunkulu wayemnike umbono. Ngenkathi izinsuku eziyishumi nane nobusuku... Onke amathemba lalingasekho ukuthi bayoke basinde. Esincane, isikebhe esidala sishukuma *kanjalo*, futhi bonke babekhala, izinsuku eziyishumi nane nobusuku. UPawulu ezansi lapho, waba nombono. Waphuma; wayesethi, “Yimani isibindi, ngokuba iNgelosi kaNkulunkulu, Engiyinceku yakhe mina, ime ngakimi futhi yathi, ‘Ungesabi, ngokuba umelwe ukulethwa phambi kukaKesari. Futhi bheka, uNkulunkulu ukuphile bonke labo abahamba nawe emkhunjini.’”

<sup>200</sup> Ngenkathi umkhumbi uphihlizeka futhi wenyukela ogwini, futhi bawelela lapho nabomdabu, uPawulu wayecosha izinkuni, futhi wahamba wase ezibeka phezu komlilo. Futhi phakathi lapho kwakukhona inyoka enkulu, wayidumela ngesandla. Manje, leyonyoka yajovela isihlungu esandleni sakhe esasizombulala phakathi komzuzu. Abomdabu bathi, “Bhekisisani lowomfo ewa efa, ngokuba uzofa ngomzuzu nje.”



<sup>201</sup> Usemaketangweni ngokushumayela iVangeli. Abantu abakholwayo bamfaka emaketangweni. Wona impela amabandla amahle ukwedlula onke ngalolosuku kwaba yilokho okwamfaka emaketangweni. Ukuba nje bekungewona uMthetho-sisekelo we-United States, bebezokwenza into efanayo namhlanje. Kunjalo! Lindani nje ize i—ize ithi ukubhidlika kakhudlwana.

<sup>202</sup> Nenyoka yamdumela esandleni. Manje bhekisisani. UPawulu akesabanga. Wathi, “UJesu Kristu wathi, ‘Uma bephatha izinyoka, ayiyikubalimaza.’” Ngakho wahamba weza ngapha, wayithintithela emlilweni; wajika wayesehamba eya ngale ukuba alande izinkuni futhi azibuyisele emlilweni; wazijikela wayesothisa umhlane wakhe, wayesejikela ngapha wayesothisa izandla zakhe. Abomdabu bathi, “Akafi ngani na? Ayifi ngani leyondoda na? Beyifanele iwe ife.” Kodwa uPawulu wayegcwele kakhulu uMoya oNgcwele (niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?), egcwele kakhulu uMoya oNgcwele kwaze kwathi isihlungu asangabi yisihlungu kuye.

<sup>203</sup> O, mfowethu, nginike ibandla eligcwele uMoya oNgcwele. UNkulunkulu uyokwenza ngonyaka owodwa lokho osiyazi bezenkolo abehluleka ukukwenza eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili. Linda luze lugadle ngempela ekhaya ugcoba lweBandla kuleyonsali encane ethembekile. Emva kokuba iminyango yabeZizwe usuvaliwe, o, uNkulunkulu uyogcoba iBandla-ke. “Ongcolile, makazingcolise njalo. Olungile makabe ngolungile njalo, nalowo ongcwele makazingcwelise njalo.” NoNkulunkulu uzogcoba iBandla ngaMandla kaNkulunkulu, nezinto zizobe zenzeka. Akusikho lokho kuphela-ke, kodwa Ukwenza manje.

<sup>204</sup> Bhekisisani izibonakaliso nezimanga; khona-ke abantu bayaqalaza bese bethi, “Awu, ngokukadeveli.” O, ngoba abayazi imiBhalo, namandla kaNkulunkulu. Futhi yingalesosizathu bekusho.

<sup>205</sup> Kwangathi iNkosi inganibusisa. Ngiyaxolisa ukunihlalisa kuze kube leyithi kanje. Angivamile impela ukukwenza lokhu, kodwa angihlali nani kakhulu. Ngakho ngingahle ukuba angiyiphendulanga lemibuzo ngokwemicabango yenu nezinto. Ibe mibili ephenduliwe kulokhu ukusa. Uma ngingakwenzanga, uNkulunkulu anibusise. Futhi bengi—ngingaqondile uku—ukunithunuka noma okuthize. Ngidingeke nje ukuba ngisho oku. . . Ningibuza umbuzo. Ngenza ngakho konke ukwazi kwami ngempendulo. Kunjalo.

<sup>206</sup> Manje, angazi kakhulu kangako ngezinto mhlawumbe. Angazi lutho ebengifanele ngikwazi. Kodwa into eyodwa engiyaziyo, uJesu Kristu usisindisa esonweni, usivikela esonweni, futhi usipha amandla aKhe nezibusiso zaKhe.

207 Futhi uma nje nizoqaphela macala onke futhi nibhekisise ukuthi kwenzekeni kubantu abakhulekelwe. . . Bukani ezizweni zonke futhi nibuke izibonakaliso nezimanga ndawo zonke. Futhi nibuke isikhathi esizayo. Njengalawomagatsha amabili esashumayela ngawo lapha esikhathini esithile esedlule, enyuka esuka kuGenesisi, ukuthi afakaza kanjani ndawo zonke. Ukuthi ukanjani ongakholwayo, uqave impela futhi unesithunzi enkolweni yakhe, kodwa enesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho ewaphika. . . NeBandla liyaqhubeka.

208 Kwangathi iNkosi uJesu ingabusisa ngamunye ngumkhuleko wami. Futhi kwangathi ningaphila kanjalo ukuthi nizoba ngabathwele kakhulu kwangathi uNkulunkulu angabeka phezu kwenu bantu, ningabathwele kakhulu ngemphefumulo elahlekile nize ningakwazi ukulala emini noma ebusuku. Kwangathi uNkulunkulu angapha leliTabernakele likaBranham leyonhlanhla yokuba ngabathwele kakhulu. Angikhathali uma ningazange nimemeze, noma uma ningazange nenze noma yini enye, uma nje nithwele kakhulu ngemphefumulo elahlekile nize ningakwazi ukulala. Uma nenza lokho, izwe liyobe lingena ngesinyelela lapha ukuba likhulekelwe (kunjalo!), izwe liyongena ukuba likhulekelwe. Niyokwaziwa ndawo zonke. UNkulunkulu akasiphe okoMoya waKhe, asenze sithobeke, asivithize, futhi asenze sigwale kakhulu amandla kaNkulunkulu ukuphilisa abagulayo, ukukhipha amademoni, ukwenza izibonakaliso ezinkulu nezimanga. Uma nibeka izandla zenu phezu kwabagulayo futhi nicele lesosibusiso kungekho nelilodwa igagasi enhliziyweni yenu, nikholwe ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Bhekisisani lesosiguli, sizoqala ukuba ngecono. Ngani na? Ububi sebusukile kukho. Njengomuthi nje owawumi, uJesu wabuka, futhi kwakungekho-sithelo kuwo. Wathi, “Mawuqalekiswe.”

Emahoreni angamashumi amabili-nane kamuva bedlula. UPetru wathi, “Buka, amaqabunga asevele ayabuna.” Kukhona okwakwenzekile. IZwi likaNkulunkulu lakhulunywa.

209 UJesu wathi, “Kholwani nguNkulunkulu. Ngokuba uma nithi kulentaba nqukuleka, futhi ningakungabazi, iyonilalela.” Kholwani nguNkulunkulu.

Manje, sekuyisikhathi seSidlo. Sisakhothamisa amakhanda ethu ngizocela omunye eze opiyanweni.

210 Nkosi, yilelihora, isikhathi ukuthi lapho mhlawumbe owesilisa nabesifazane, Nkosi, ezweni lonke bazobona ukuthi ihora elikhulu lokwahlulelwa seliyasondela lapho uNkulunkulu ezokwehlulela khona zonke izizwe ekumeni kwazo kwepolitiki. Ndawo zonke, ndawo zonke, futhi wonke umuntu ufanele amele izahlulelo zikaNkulunkulu. Futhi Baba, sijabula kakhulu ukwazi ukuthi kukhona ukuphunyuka kwalababantu aba. . . abazofisa ukuphunyuka. Nalowomgwaqo ungoJesu Kristu,

Oyi—yiNzalo kaDavide. Futhi siyaKubonga, Baba othandekayo, ngokuMthumela njalo emhlabeni, ukuthi WayenguMxhumanisi esasingedlula kuye; Ubungasinxusela, futhi asuse isono sethu, ukuthi siphunyuke olakeni nasekulahlweni nguNkulunkulu. Siyazi ukuthi ulaka luyeza. Futhi ukuthi, njengoba uJohane asho ngezinsuku ezedlulayo, “Balekelani ulaka oluzayo.”

<sup>211</sup> Manje, Nkosi, sikhulekela ukuthi njengoba sithatha iSidlo kulobubusuku ukuthi Uzosingwelisa, Nkosi, ngeGazi laKho elihlanzayo; futhi kwangathi zonke izono zalababantu zingathethelelwa. Ngikhuleka ngokuzithoba nangobuqotho, Nkulunkulu, ukuthi Awuzukuvumela namunye wethu ukuba asithathe ngokungafanele. Ngokuba Wena ushilo eZwini laKho, uma senzenjalo, sinecala loMzimba neGazi leNkosi. Manje, Baba, yenza lababantu babengcwele futhi babe ngabazehlukanisele, ukuze sithathe lokhu singenasisihla.

<sup>212</sup> Namanje, Baba, siyaqonda ukuthi iSidlo kuqala sanikezwa ezansi eGibhithe. Nalababantu abathathe iSidlo, iwundlu nesinkwa, lapho bemasha bephuma, iminyaka engamashumi amane bahamba ehlane; futhi kwakungekho namunye obuthakathaka phakathi kwabo ngenkathi bephuma ehlane. Bathathe iSidlo.


<sup>213</sup> Nkulunkulu yiba nesihawu. Ngikhulekela ukuthi bonke abagulayo bazophiliswa, bonke abalahlekile bazosindiswa. Nalabo abagcina umthetho ngamehlo nje futhi benganaki, kwangathi bangenyuka basondele emililweni kaNkulunkulu, befudumeza imiphefumulo yabo. Siphe khona, Nkosi. Sithethelele manje futhi usisize. Sikhuleka eGameni leNdodana yaKho.

<sup>214</sup> Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, angazi noma (njengoba umfowethu esinika indlela encane opiyaneni) uma kukhona umuntu lapha abazophakamisa isandla sabo futhi bathi, “Mfowethu Bill, ngobuqotho ngi—ngi...okwesimo somphefumulo. Ngi—ngi—ngifuna ungikhumbule. Ngi—ngi—ngifuna ukwemukela uMoya oNgcwele.” Ungasiphakamisa isandla sakho? Uthi, “Khumbula.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, wena, nawe, nawe. UNkulunkulu akubusise, nawe. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, wena, nawe, wena, Mfowethu. He, izandla ndawo zonke. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Wena, Dadewethu, ngiyasibona isandla sakho, ukuthi ufuna ukwemukela uMoya oNgcwele. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu.

<sup>215</sup> Anifuni ukuhamba nje nisondele kakhudlwana. Khumbulani bangani, siphila eduze kokuFika kweNkosi yethu. Manje, uNkulunkulu uqinisa amaZwi aKhe, izibonakaliso nezimanga ndawo zonke.

<sup>216</sup> Manje, impela ukuthi uNkulunkulu ubengeke angivumele ngiphume futhi ngigcotshwe ngoMoya oNgcwele ukuba ngenze izibonakaliso nezimanga, ngibuye futhi ngishumayele iZwi, kanjalonjalo, futhi abezokubusisa ndawo zonke, futhi ngenze lezizinto, ngaphandle uma Enginika umqondo othize ngeZwi laKhe. Ubengeke aphe lokho. Ngakho ngiyakwazi engikhuluma ngakho.

<sup>217</sup> Futhi uma ungenaye uJesu Kristu, ngaphandle koMoya oNgcwele, kwangathi uNkulunkulu angekuvumele ube nanoma yikuphi ukuphumula uze wemukele uMoya oNgcwele. Ungadukiswa. Nje ungakuthathi lokhu okukodwa kwezivumo zamehlo omile zokugcina umthetho ngamehlo nje bese uthi unoMoya oNgcwele. Awutholi uMoya oNgcwele ngenkathi ukholwa. Awutholi uMoya oNgcwele. Uyisiphiwo sikaNkulunkulu. UPawulu wathi, “Namamukela uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?” Ngakho kukholweni. Futhi kwangathi uNkulunkulu anganipha Wona.

<sup>218</sup> Manje, Baba, kulabo abaphakamise izandla zabo, ngikhulekela ukuthi Uzobapha uMuntu kaMoya oNgcwele njengamanje. Kwangathi Angafika ngokujulile angene kulaba abaningi, izandla eziyishumi noma eziyishumi nanhlanu eziphakamile. Ngikhulekela ukuthi Uzobapha bonke umbhaphathizo woBuwena baKho. Kwangathi bangagwaliswa kakhulu ngoMoya oNgcwele, kuze kwenzeke izibonakaliso nezimanga ezimpilweni zabo, bazobona zonke izinhlobo zezibonakaliso. Njengoba kwasho uJesu, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhholwayo.” Siphe khona, Baba. Sikhuleka ngokuzithoba eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu. Amen. (Mfowethu Neville.) 

*IMIBUZO NEZIMPENDULO ZUL54-0103E*

(Questions and Answers)

UCHUNGECHUNGE LWE-UKUZIPHATHA, INQUBO NEMFUNDISO YEBANDLA

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoJanuwari 3, ngo 1954, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)